# *Ukuneliseka Bese Uyashisekela*

Ngiyabonga kakhulu, Mfowethu Carl.

2 Ningahlala phansi. Izinto eziningi kakhulu—izinto eziningi kakhulu okumele zishiwo, futhi—futhi sekuba leyithi. Kodwa ngijabula ngempela ukuba lapha, kulobubusuku, eChicago, futhi ngibonga uMfowethu Carlson, noMfowethu Boze ngomusa wabo, nabo bonke abanye, ngokungimema lapha, kulobubusuku, ukuba ngikhulume kulesisidlo sasemini, noma idina, ngokuba uMfowethu Boze uyahamba uya emasimini ezimishini. Ngiyakwazi adlula kukho ngakho lapho, ngoba nami ngiyisithunywa senkolo, futhi bengihlezi lapha nomfowethu waseNingizimu Afrika obesemihlanganweni yethu lapho phakathi, ngenkathi sigcina ukuba seNingizimu Afrika.

3 Futhi njengoyigugu, umngane ongudokotela wenyukela lapha futhi wasiholela lowomkhuleko, nokuthi sonke sazi kanjani ukuthi umuzwa wemeno uyini lapho bengena lapho, futhi ngicabanga ukuthi kuyinto efanele. Niyazi, i, ukuthi sinamabandla kuwo wonke amagumbi, futhi sizwe iVangeli nganoma iyiphi indlela esifuna ukulizwa ngayo, labo bantu lapho abakaze bezwe iGama likaJesu, izikhathi eziningi.

4 Ngakho ngilungiselela ukubuyela emuva futhi. Angikaze nganeliseke ekhaya, futhi angikholwa ukuthi ngingake nganeliseke ngize ngibuyele ensimini futhi laphaya. Futhi ngakho, ngikhulekeleni. Futhi mayelana nokuvalelwa iminyango, ngikulindele lokho, ngakho ngivele nje... Ngiyabonga. Uma uqhubeka ungikhulekela, vele ukhuleke ukuthi ngiyo—ukuthi ngiyohlala entandweni kaNkulunkulu, leyo yinto esemqoka.

5 Futhi manje, futhi nikhulekele abazalwane futhi. Kulungile lokho, uma bengakuboni, ngani...Kungcono ngijikele kuloluhlangothi *ngapha*, mhlawumbe bekungaba ngcono. Uma umuntu engakwazi ukuzibona lezozinto, ngani, ngeke sibasole, awu, lokho kulungile. Uma ngingabonanga lutho, vele bengingeke ngisho lutho ngakho, bengiyovele ngiqhubeke nje. Okokuqala, nginga—ngingahlala phansi, ngikubheke emBhalweni futhi ngibone ukuthi kwakuyiBhayibheli yini kuqala, ngoba yilapho lonke iqiniso livela khona, iBhayibheli.

6 Manje, izinkonzo zethu ezizayo, uma kwenzeka kube nomuntu lapha, siya eSouth Carolina...INorth Carolina ukusuka lapha, bese kuba yiSouth Carolina, bese-ke ngiya eCalifornia, eCanada, nase-Alaska, bese-ke ngibuya, futhi

ngethemba ukuya phesheya kwezilwandle kusukela lapho kuqhubeke, isikhashana.

7 Manje, kulobubusuku, benginezinto eziningana lapha ebengifuna ukukhuluma ngazo, kodwa sekuleyithi, Ngeke ngikhulume isikhathi esingaphezu kwehora lesibili nqo. Bengizincokolela nje. Ngi—ngizofunda omunye umBhalo lapha, kwamanye amanothi noma ukuphawula kanye nemiBhalo engiyibhale phansi, futhi nje ngidlulise ukuphawula okumbalwa, bese-ke sizo—sizobuyisela lenkonzo kubazalwane. Manje, nizobe ningikhulekela, ngi—ngiqinisekile, ngincike kulokho, ukuthi ni—ukuthi ningikhulekele.

8 Manje, eVangelini likaJohane oNgcwele, isahluko 1, ivesi lama 35, ngifuna ukufunda kwehle kuze kufike evesini lama 41:

> Futhi *ngangomuso futhi uJohane wayemi, nababili kubafundi bakhe;*
>
> *Wa*buka *uJesu ehamba,* wathi*, Bheka, iWundlu likaNkulunkulu!*
>
> *Abafundi ababili bezwa ekhuluma, bamlandela uJesu.*
>
> *Khona-ke uJesu waphenduka, wababona belandela,* wathi *kubo, Nifunani na?* Futhi *basebethi kuye, Rabi, (okuhunyushwa ngokuthi, Mfundisi,) uhlala ngaphi?*
>
> *Wathi kubo, Wozani nibone.* Futhi *beza* babona *lapho ehlala khona, bahlala naye lolo suku: ngokuba kwakungaba yihora leshumi.*
>
> Futhi *omunye walaba ababili abezwa uJohane ekhuluma, bamlandela, wayengu-Andreya, umfowabo kaSimoni Petru.*
>
> Futhi *wa*fumana *kuqala umfowabo uSimoni,* wathi *kuye, Simfumene uMesiya, okungukuthi, ngokuhunyushwa, uKristu.*

9 Manje, ngifuna ukunibonga nonke ngalesisipho lapha, engingakasivuli. Futhi—futhi—futhi khona-ke ngobunye ubusuku uMfowethu Carlson wavele wamelana kancane nemicabango yami lapho ethatha umnikelo futhi wawudlulisela kimi, futhi ngathola indawo enhle, kulobubusuku, yawo. Ngakho ngiyabonga ngomusa omkhulu, ngiyakuthokozela impela lokho. Futhi ngiyazi ukuthi emva kokuvela kwezakho, ezandleni, kuya kwezami, kufanele ngibe umphathi walenhlalakahle yokukaNkulunkulu, yalemali, futhi ngizoyibeka endaweni engcono kunazo zonke engiyaziyo: lapho okuthile kwenzelwa uMbuso kaNkulunkulu.

Asikhothamise amakhanda ethu, umzuzwana nje.

10 Baba waseZulwini, kube nezinto eziningi ezinkulu ezishiwo kulobubusuku, angazi noma Unawo omunye uMlayezo wabantu, unokuthile obekungabakhuthaza, noma kubanike ukukholwa.

Sizwe ngamaqhawe amakhulu asensimini, ukuthi ngihlonipheke kanjani ukuba sebukhoneni babo kulobubusuku, amadoda aKuthandayo, nabesifazane.

11 SiKubonga kanjani ngamaculo, nangezinhliziyo, nokunaka kwabantu lapha ngalelihora lokugcina, futhi basalindile, balambile futhi bomile, Nkosi. Ngizwe Ukhuluma ngolwimi engangingazi lutho ngalo, ngizwe isosha elinesibindi lime lapha, futhi likuhumushe; kuyangikhuthaza, Baba, ngibonga kakhulu ngazo zonke lezizinto.

12 Manje, busisa lababantu, Baba, futhi ubusise iZwi laKho, futhi usize inceku yaKho manje. Uma kunezinto ezimbalwa ezingashiwo ezingasiza othile, ngikhulekela ukuthi Uzoyisebenzisa manje, eGameni likaJesu. Amen.

13 Ngifuna ukusho ukuthi ubizo olukhulu kakhulu olukhona lusemhlabeni, ngokombono wami, izinkundla zemishini. Noma ubani oyisithunywa senkolo ungumphostoli, ngoba igama elithi *umphostoli* lisho "othunyiwe," futhi igama elithi *isithunywa senkolo* lisho ukuthi "othunyiwe," ngakho womabili amagama afanayo, noma asetshenziswa ngokufanayo. Futhi kungani bake bancamela ukuzibiza nge "zithunywa zenkolo" Angazi, kodwa yigama elihle, noma abaphostoli.

14 Manje, ngifuna ukuthatha indikimba, kulobubusuku, evela ekutheni *Ukuneliseka Bese Uyashisekela*, lawomagama amabili, ukudlulisa nje ukuphawula okumbalwa, futhi ngicaphune imiBhalo embalwa lapha ekutheni, kuqala ukuneliseka, bese-ke uba nokushisekela. Manje, ekufundweni kwethu komBhalo sinokuhlala okuhle kakhulu. Ingabe ngisondele kakhulu kwimayikrofoni na? Ingabe ishaya kakhulu ezindlebeni zenu na?

15 Siyathola namuhla, ukuthi kukhona ukuhlubuka okunjalo, kubonakala sengathi abantu abasakhathalele njengoba babevame ukuba njalo. Bayahlubuka ema—maqiniso ayisisekelo eBhayibheli, wona a, abonakala eshushumba. Futhi ngicabanga ukuthi bonke abefundisi abathanda iZwi likaNkulunkulu, futhi bazi ukuthi Lowo ukuphela koMgomo esingaqiniseka ngawo ukuthi siqinisile, akukho phezu kwe, isichasiselo esibonwa ngokucabanga esithize, kodwa phezu kweZwi likaNkulunkulu.

16 Yileso sisekelo kuphela, njengoba, angifuni ukusho lokhu kuhlambalaza okungcwele, kodwa eNingizimu kwashiwo ukuthi umfowethu oyikhaladi wake wafaka iBhayibheli ekhwapheni lakhe owayengakwazi ukufunda, futhi umphathi wakhe wambuza, wathi, "Kungani uLiphatha na?"

17 Wathi, "Ngoba ngiyaLikholwa." Futhi wathi, "NgiyaLikholwa kusukela e*khaveni* kuya e*khaveni*, nase*khaveni* futhi, ngoba linokuthi 'IBhayibheli EliNgcwele.'" Futhi wathi, "Ngifuna ukusho enye into, ngingamane ngime kuleloBhayibheli kunokuba ngime eZulwini."

Indoda yathi, "Ungakucabanga kanjani lokho na?"

18 Wathi, “Ngoba, ‘Kodlula amaZulu nomhlaba, kodwa iZwi laMi alisoze ladlula.’” Ngi—ngicabanga ukuthi kukhona ayenakho lapho. “Kodlula kokubili amaZulu nomhlaba,” ngakho-ke . . . uma umi eZulwini, Lingase lidlule, nomhlaba, uzodlula, futhi, kodwa iZwi alisoze ledlula, ngakho leyo yindawo enhle yokuma.

19 Lapha eChicago, ngobunye ubusuku, ngezwa uMfowethu Tommy Osborn, umfowethu oyiqhawe, ethi, “Uma kunjalo . . . Ngiyalikholwa leliZwi,” wathi, “ukuba bekungesikho ukuhlambalaza ngokungcwele, bengiyoLibeka phansi bese ngima phezu kwaLo, ukukhombisa ukuthi bengimi lapho.” Ngacabanga ukuthi lokho kunalokho, kwakukuhle kakhulu.

20 Namuhla siyathola, nokho, ukuthi abantu bayaqhela, bayaqhela eZwini, bayaqhela ekukhathaleleni, kubonakala kungenakukhathalela okukhulu kuLo. Sithola ukuthi phakathi, phakathi ngisho nabantu bakithi uqobo, abantu, abantu beFull Gospel, ukuthi sifike endawaneni ukuthi si—sisuthi ngokweqile. Manje, umuntu usutha ngokweqile uyozela, avilaphe, umngane wethu ongudokotela lapho angakutshela ngempela lokho, uma udle ngokweqile. Futhi ngicabanga ukuthi thina bantu bePentecostal sidle ngokweqile, sibone izinto eziningi ezinkulu kakhulu, kwaze kwaba yinto evamile kithi, niyabo.

21 Futhi njengoba kwashiwo ngesinye isikhathi eNgilandi, kwakukhona imbongi eyayibhale izinkondlo zika, kanjani i . . . ulwandle lwaluluhle, okwalo . . . nezinyoni zasolwandle, nokuthi lwalububonakalisa kanjani ubuhle balo besibhakabhaka kulo uqobo. Futhi—futhi ngakho, wayezo, engakaze alubone ulwandle, kodwa ngoluny’usuku wayesendleleni yakhe ehlela ogwini lolwandle, futhi endleleni yakhe eyehlayo wahlangana nelidala, esingambiza kanjalo, usawoti omdala, itilosi elidala.

Futhi lathi, “Uyaphi, muntu wami omuhle?”

22 Wathi, “O, ngiyimbongi, ngibhale ngolwandle.” Futhi wathi, “Angikaze ngilubone okwamanje, ngibhale kuphela engikufundile ngalo.” Futhi wathi, “Ngiyehla manje ukuze ngibe nolwazi lwami lokuzibonela lokuqala. Ngifuna ukuhogela amanzi anosawoti, futhi ngi—ngifuna ukuzwa ukukhala kwenyoni yasolwandle njengoba i—njengoba izungeza e—u—umoya, futhi ngibone amagagasi alo ahlokomayo njengoba ejikijela imiphetho yawo esimhlophe, nesibhakabhaka esiluhlaza sizibonakalisa emanzini.”

23 Usawoti omdala wama lapho, futhi waphafuza inqawe yakhe izikhathi ezimbalwa, futhi wakhafula, wathi, “Angiboni lutho olujabulisa kangako ngalo,” wathi, “Sengibe kulo iminyaka engamashumi amahlanu, ngazalelwa kulo,” wathi, “Angiboni lutho ngalo.” Niyabo, wayekubone kakhulu, kwaze kwaba yinto evamile kuye.

24 Futhi ngikholwa ukuthi, kulobubusuku, ukuthi leyo yindaba eyinqwaba ngamabandla ethu ezinhlwini zethu zeFull Gospel, lapha eMelika, ukuthi sesibone okuningi kakhulu kobuhle bukaNkulunkulu kwaze kwaba sekuyinto evamile kithi. Asikuhloniphi njengoba besifanele, sicabanga ukuthi siyakwenza, kodwa ngi—ngiyakukholwa ngempela ukuthi "Sifanele sikunakisise kakhulu lokho esikuzwile, hleze sikuyeke kushelele noma ngasiphi isikhathi." Manje, ngi—ngikholwa ukuthi lokho kuyiqiniso.

25 Futhi lapho, mhlawumbe isibonelo, isenzo esisodwa sikaNkulunkulu lapha, mhlawumbe ubungaphuma futhi uthi, "Awu, kwakulungile lokho." Kodwa lesosenzo esisodwa, mhlawumbe, komunye umeno emuva lapho eNingizimu Afrika, noma eTanganyika, noma ngahle ukuba kukuphi, eKenya, kungabangela mhlawumbe izinkulungwane ukuba ziwe ngobuso bazo, futhi zinike uNkulunkulu udumo, leyonto eyodwa nje yenzeka. Ngakho ungabona lapho amandla amakhulu e, ukudonsa kukaMoya kuya lapho iZwi libonakaliswa khona.

26 Manje, sekuyiminyaka sithumela izithunywa zenkolo emasimini akwamanye amazwe, ngathola into efanayo lapho sifika eNingizimu Afrika, lapho ngaba nobuthunywa benkolo khona lapha nomfowethu, futhi satholani na? Ikakhulukazi kwakuwukufunda, ukubhala, nezibalo. Manje, nginenhlonipho enkulu nge—nge-Afrika kanye nesiBhunu sami, futhi, bazalwane, kodwa okudingekayo, ukwenza umuntu ongazi nokuthi isiphi isandla sokunene nesokhohlo, uzomtshela kanjani noma yini, noma umholele kuKristu, mayelana ngencwajana ongayidlulisela kuye, angakwazi ukuyifunda na? Niyabo? Akufunayo, ufunda ngoNkulunkulu, noma, futhi wazi ngomunye unkulunkulu, nazo zonke izinhlobo zonkulunkulu, kodwa lokho akufunayo yinto ethile isebenza, into ethile angayibona.

27 Yingalesosizathu abaphostoli bembeswa amandla, ngoba babesosukwini lobuhedeni, futhi kwakukhonzwa onkulunkulu abehlukene, futhi babefuna ukubona ukubonakaliswa kukaNkulunkulu weqiniso nophilayo, owayengazenza Aziwe.

28 Ngakho-ke, nginomuzwa wokuthi mhlawumbe umsebenzi uthi ukuthula kimi lapha, njengoba iNkosi ingithuma ensimini lapho, ngoba eThekwini, eNingizimu Afrika, kokunye ukubizela e-altare, ngenkathi ngibona umfana emsamo ephulukisiwe... Futhi udokotela, udokotela wezokwelapha, wagijima emsamo futhi wathi, "Ngifuna uku... Umenzeni lowo mfana na?"

Ngathi, "Angikaze ngimthinte."

Futhi wathi, "Ngiyakwazi ukuqonda isayense yakho ephathelene nengqondo, noma, ukufunda ingqondo, ukufunda imiqondo yabo."

Ngathi, "Dokotela, angiyifundi imiqondo yabo," ngibatshela izinto, kanjalonjalo, njengoba nazi ukuthi kwenzekani.

Wathi, "Awu," wathi, "ngibeke lowomfana esiteji, khona *lapho*, cishe emizuzwini emihlanu edlule, futhi wayenezinxemu ngokwesabekayo."

29 Futhi weza *lapha* ngqo, futhi ngahlangana naye, futhi ngathi, "Manje, umfo omncane, noma ubani angakubona izinxemu. Angazi lutho ukuthi kwenziwa kanjani, uma bengingudokotela, futhi bengikwazi ukuhlinza, bengizokwenzela umfana omncane impela, kodwa," ngathi, "angiyena udokotela." Futhi ngi—ngathi, "Manje, ngokuthi, mhlawumbe ngesiphiwo sobuNkulunkulu esingahle simenze abe nokukholwa, singase simenze abe nokukholwa okwanele kokuphulukiswa kwakhe."

30 Futhi ngibhekile, emva kokuba izinto ezimbalwa sezenzekile, na—nalolohlobo olufanayo lwesambulo sobuNkulunkulu, noma ukubona imibono . . . Futhi akekho owayengakugxeka lokho, inkonzo yeNkosi yethu uJesu yayenziwe yilokho. Wathi, "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza." Futhi, "IZwi likaNkulunkulu," ngokwamaHeberu 4:12, "libukhali kune, inkemba esika nhlangothi zombili, laHlulela imicabango yenhliziyo." "Ne—neZwi lenziwa inyama lapho siLemukela," kanjalonjalo.

31 Ngakho, lomfanyana, Lathi, "Ngiyakubona uvela ekhaya lamaKristu, nekhaya lapho ongena khona kokuncane kwakho . . . " Bawabiza ngani lawo maqhugwana abahlala kuwo na? Ngiyakhohlwa manje. [Kuphendula umfowethu, "Banga."—Umhl.] Ini? ["Banga."] Banga. Wathi, "Kwakukhona—kwakukhona isithombe sikaKristu silenga ngakwesokunene sodonga."

32 Futhi umfana omncane emi lapho, futhi wayevele adle ukudla kwakhe, nesisu sakhe esincane sasingcolile kakhulu, futhi, lapho ayeyeka ukudla kwakhe kuwele esiswini sakhe esincane, futhi—futhi wayeqalaza, amehlo akhe amancane ehlezi ndawonye. Futhi ngathi, "Ingane, ingumZulu," futhi ngathi, "kodwa uyise nonina bancane." Futhi ubaba nomama basukuma, futhi lokho kwakuqinisile.

33 Futhi wathi, "Manje, kodwa into ukuthi ingane encane, ngenkathi izalwa, yazalwa inezinxemu." Futhi umama nobaba basukuma futhi phandle lapho, ukuthi lokho kwakuyiqiniso.

34 Ngathi, "Unina, lapho ingane izalwa, kuyilapho uyise wayeyibuka emehlweni, wayesekuqaphela, wayesekubuyisela kumama." Nempela, baphakamisa isandla sabo.

35 Ngabheka emuva, futhi umfana omncane wayengibuka ngokuphelele nje njengoba ayengabuka, ngathi, "Awu, ngeke kudingeke ngikhulekele umfana omncane ngoba usephulukisiwe kakade. Ungadlula."

Nodokotela omncane waseBrithani emuva lapho, wayenelukuluku ngempela ngalokho. Wagijima wenyukela lapho ngokushesha okukhulu, wayesethi . . .

36 Futhi uMnu. Bosworth wathi, "Ungakwenzi lokho," wathi, "asikwazi ukwenza lokho manje." Wathi, "Asifuni nkathazo, ngoba behlukene, izizwana phandle lapho manje." Futhi amakhulu namakhulu namakhulu, nezinkulungwane zabo zazihlezi zizungeze leyonkundla yomjaho yaseThekwini, nabaningi belindele ukukhulekelwa.

Kwase kuthi-ke, lapho esho lokho, lodokotela wathi, "Awu, lapha, ngifuna . . . " Wathi, "Mnu. Branham, wenzeni kulowomfana na?"

Ngathi, "Lutho, angikaze ngimthinte."

Wathi, "Awu, ubemi *lapho*, ubenezinxemu, emi *lapha*, akanazinxemu." Wathi, "Ingabe umthwebulile lowo mfana na?"

37 Ngathi, "Dokotela, uma ukuthwebula kuzoqondisa izinxemu, anicabangi ukuthi nina bafo kungcono nenze ukuthwebula okuncane na?" Ngathi, "Wazi kangcono kunalokho."

Futhi—futhi wathi, "Awu, ngi—ngi . . . "

Ngathi, "Awukholwa ukuthi ukhona uNkulunkulu na?"

38 Wathi, "Impela, ngikholwa ukuthi ukhona uNkulunkulu." Wathi, "Iminduze . . . " Uyazi ukuthi mihle kangakanani iminduze yakho emikhulu lapho e-Afrika. Wathi, "Ngikholwa ukuthi uma kukhona . . . uNkulunkulu ukulowo mnduze, noma wawungeke uphile, kodwa," wathi, "okubonakalayo ngokwanele ukwenza umfana onezinxemu . . . ?"

39 Ngathi, "Awu, kuzomele nje uthathe izwi lami ngakho, yilokho kuphela engingakutshela khona." Ngathi, "Nangu emi lapho, futhi angikaze ngimthinte, futhi iNkosi uNkulunkulu, Ekhona manje, imenze waphila ngokuphelele, futhi nango emile, akukho okungashiwo ngakho." Ngathi, "Biza olandelayo."

40 "Nje," wathi, "umzuzwana nje." Wathi, "Mnu. Branham, ngiyilunga lebandla nje, uma kukhona uNkulunkulu obambekayo ngokwenele ukuba aphamb- . . . enze amehlo alowo mfana aqonde ngqo emsamo, ngiMfuna abe nguMsindisi wami."

41 Futhi ngenkathi ngisuka eThekwini, cishe emasontweni amathathu kamuva, kwakukhona izinkulungwane phandle lapho zivalelisa, weqa uthango, wagijima waphumela lapho, futhi wangigaxa ngezingalo zakhe, wayeseqala ukukhuluma ngezilimi ezingaziwa. Wathi, "INkosi ingibizele ensimini yemishini, ukuba ngibe isithunywa sezenkolo sokwelapha manje."

Ngathi, "Mayibongwe iNkosi."

42 Niyabo, yilokho okudingekayo. Yilokho esibhekana nakho namuhla. Ukufunda nokubhala kulungile, kodwa abantu abakudingayo ngamandla okuvuka kukaJesu Kristu. Namuhla siye sahlubuka kakhulu, kulokhu kwalelizwe . . . ngalokho . . . kusukela kulokho. Ibandla liwile kukho, manje, ukungashisekeli ngakho, abantu ababukeki bekufuna.

43 Babona izinto eziningi mbumbulu eziqhubekayo, impela. Bangaki abake bafunda i*The Life Of Martin Luther* na? Bengifunda empilweni yakhe, futhi yathi bekungeyona into eyinqaba, kakhulu, ukuthi uMartin Luther wayengabhikishela ibandla eliKatolika futhi azidlulele ngakho, kodwa into eyinqaba, ukuthi wayekwazi ukubamba ikhanda lakhe ngaphezu kwayo yonke intshisekelo eyeqile eyalandela imvuselelo yakhe, futhi elokhu ehlale ehlanzekile, futhi ecacile ngeZwi. Yilokho-ke, niyabo, hlala nje neZwi, Leyo yiNto ekuholayo ikukhiphe, ngoba uNkulunkulu uyiZwi, niyabo. Futhi—futhi siyazi ukuthi uKristu uyiZwi.

44 Kodwa namhlanje, kuwukuthi, esikhundleni sokuningi kangaka kokuyisa abantu eZwini, nakuNkulunkulu, naseBhayibhelini, kungukuthi, "Woza ujoyine ibandla." "Sekela uhlelo *oluthile* lomsakazo." Noma—noma, "Yakha izakhiwo ezithile ezinkulu." Niyazi ukuthi kukanjani.

45 Futhi niyazi ukuthi yini engikholwa ukuthi isizathu sokuthi lokhu kuyini na? Yingoba abakaneliseki namanje ukuthi nguNkulunkulu enathi, ngiyakukholwa lokho. Ngikholwa ukuthi abantu benza lokho ngobuqotho ngempela, futhi bacabanga ukuthi uNkulunkulu usezinhlelweni zokuhlela amabandla, nokwenza amahlelo amakhulu, no—nokungenisa abantu abengeziwe, nokwakha izakhiwo ezinhle ngokwedlulele, nokunye nokunye kanjalo, ukuthi lolo wuhlelo lukaNkulunkulu.

46 Lolo akusilo uhlelo lukaNkulunkulu, akuzange kube yilo. Akakaze asithume ukuba senze lokho, nakuba kukuhle njengoba kunjalo. Akazange athi, "Hambani niye ezweni lonke nakhe izikole," nokho, siyazithanda, zilungile, zinjalo . . . Akazange athi, "Hambani niyokwakha izibhedlela," nokho, ngibonga uNkulunkulu ngazo zonke. Lelo yibhizinisi labanye abantu, kodwa elomfundisi lungukuthi: "Shumayela iVangeli. NeVangeli alifiki ngeZwi kuphela, kodwa ngamandla, nokubonakaliswa kukaMoya oNgcwele." Yilokho ukuthunywa: lokho kuya *esithunyweni senkolo*, futhi njalo, *isithunywa senkolo* silungile. Yebo.

47 O, abantu bayakholwa, kusobala, ukuthi bayazikholwa lezozinto, kodwa okwabo, njengoba umama wami waseningizimu wayevame ukungitshela, "Izenzo zakho zikhuluma kakhulu kunamazwi akho." Kunjalo. Lapho sibona abantu benqaba iVangeli, ungasho kanjani ukuthi uyalikholwa

iVangeli, lapho wenqaba yona kanye lento othi uyayikholwa na? Akusebenzi nje.

48 Manje, uJesu wathi, "Uma niNgithanda, yondlani izimvu zaMi." Niyabo? Manje, asifuni ukuzondla ngezinhlelo zemfundo, futhi angifuni ukuzondla ngokhula lwamahlelo. Kodwa, izimvu zidla uKudla kwezimvu, yilokho okudingekayo ukwenza imvu ikhuluphale, nguKudla kwezimvu. Kunjalo impela. Kulungile. Futhi uKudla kwezimvu yiVangeli, ukushunyayelwa kwamandla okuvuka kweNkosi yethu uJesu Kristu, eMletha ewuMuntu kubantu. Akafile, Uyaphila, futhi uphila kuze kube phakade. Ulapha kulobubusuku, futhi lelo yiVangeli.

49 Kungani uJohane wayeqiniseke kangaka, ngob-. . . ukuthi wayazi ukuthi Lona kwakunguMesiya na? Ngoba okokuqala, waye*nelisekile* ukuthi KwakunguMesiya. Awukwazi—awukwazi ukwenza okuningi kakhulu uze unelisekile, bese uyashisekela. Kodwa kuze kube yilapho uneliseka, awushisekeli kakhulu.

50 Ngineqiniso, kulobubusuku, ukuthi abantu abebeyogxeka ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, abebeyogxeka ukumemeza, noma iyiphi enye into iBhayibheli elinayo, noma iziphiwo zikaMoya, isizathu sokuthi bakugxeke, yingoba, noma abashisekeli ngakho, yingoba abakaneliseki okwamanje ukuthi kulungile. Kodwa kuvumele kwenzeke kuwe kanye, futhi-ke uzokwazi ukuthi yini indaba ngalababantu, nizobona-ke, uma kuke. . . Omunye wathi abakholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, awukakaguli ngokwanele okwamanje, yilokho kuphela, wena . . . lokho kuyinto eyodwa eqinisekile.

51 Ngithola inqwaba yabantu abathi ukugula kuyisibusiso. Buza omunye udokotela uma kunjalo. Kungani kuyikho khona-ke, hamba, uma unesifo sasenanzini, futhi usikwe isibusiso na? Impela ngeke ngifune ukwenza lokho, lokho kuthi ukuphambana nombono wakho siqu. Unqanyukwe isibusiso na? Bengingeke ngifune ukwenza lokho, bengiyovele ngikugcine bese ngifa, niyabo. Kodwa ukugula akusona isibusiso, ukugula kuyisiqalekiso sikadeveli, noJesu wathi kwakunjalo. Kulungile.

52 Isizathu sokuthi uJohane wayeshisekele kakhulu, yingenxa yokuthi wayenelisekile ukuthi isikhathi sokuza kukaMesiya sasiseduze, ngoba ehlane wayetshelwe ukuthi wayezokwethula loMesiya. Futhi wayeneliseke ngokuphelele ukuthi wayeqinisile, futhi wayengesikhathi ngqo. Ngiyakuthanda lokho. Niyabo?

53 Uma unjalo, wazi ukuthi uneliseke ngokuphelele, khona-ke uyashisekela ngalokho okhuluma ngakho. Umuntu angalishumayela kanjani iVangeli onganelisekanga ngempela ukuthi uneQiniso ngokuphelele na? Ungakwenza kanjani lokho na? Kodwa lapho unelisekile ukuthi uyazi! Futhi unganeliseka kanjani, uma kungahambisani nemiBhalo na? Ufanele uneliseke, futhi khona-ke uyashisekela; yilokho okukwenza ushisekele yingoba unelisekile.

54 Wayazi ukuthi isikhathi sakhe sase siseduze, futhi wayazi ukuthi uMlayezo wakhe wawuzoshumayela ukuphenduka. Futhi ngakho, waneliseka, futhi ngakho-ke washisekela ngokukhipha uMlayezo wakhe ngaphambi kokubonakala kukaMesiya. Manje, wayengashisekele, uJohn wayengenjalo, ezakhiweni ezinkulu, noma ezinhlelweni zemfundo, okungukuthi kulungile, babenabo, babenamadoda ayenakekele lokho, babenompristi, norabi, nabakhi, nezihlakaniphi zangalolosuku, babekwazi ukukunakekela lokho, kodwa kuJohane, wayenelisekile ukuthi uMesiya wayendawana-thize ngalesosikhathi, khona lapho emhlabeni. Futhi wayenelisekile ukuthi bafanele baphenduke futhi balungise indlela yokuFika kwaKhe, ngakho wayeshisekele ngokukhipha uMlayezo.

55 Lokho bekufanele kube i . . . Uma sikholwa ukuthi uMesiya ozayo useseduze, ngicabanga ukuthi sifanele sikubeke eceleni konke okunye, futhi sishisekele ngokuyisa loMlayezo emazweni ngaleya ngokushesha esingakwenza, kunjalo, uma sinelisekile. Kodwa sishumayela ukuthi kuza uMesiya futhi sifuna ukubeka izigidi eziyikhulu zamadola esakhiweni. Futhi uma uMesiya eza, kuzosiza ngani lokho, uma sikukholwa na?

56 Niyabo, bona impela, ubufakazi bethu, isenzo sethu sikhuluma kakhulu kunamazwi ethu. Uma nginekhulu lezigidi zamadola, futhi ngikholwa ukuthi uMesiya uyeza, Bengiyosekela uhlelo lwezithunywa zenkolo olwaluzoshanela izwe lonke ngokushesha impela, futhi ngiMlungiselele iBandla, bengiyokwenza, ngakho-ke ngenelisekile ukuthi uMesiya uyeza masinyane, futhi ngiyashisekela ngokufika kweVangeli yonke indawo engingazi ukuthi lingatholakala.

57 Ngikhathalele ezinhlelweni zezithunywa zenkolo, yingakho ngilapha kulobubusuku, ukubeka amazwi ami eVangeli noMfowethu Joseph, nalezi ezinye izithunywa zenkolo, ukuqinisekisa ukuthi leliZwi liyaphuma, ngoba Lifanele liye kuzo zonke izihlobo zomndeni, izizwana, nezizwe ngaphambi kokuba Afike, futhi Ulindele lokho manje. Angikholwa ukuthi uhlelo lwaKhe ngukwakha izakhiwo, noma izindaba zemfundo ebandleni, ngikholwa ukuthi elokuyisa iVangeli lapho, ngokuba Ulilindile. Isikhathi sakho sesidlulile, ngikholwa ukuthi lesi yisikhathi sokukwenza.

58 UJohane wayazi ukuthi kwase kuyisikhathi sokuba . . . ukuphenduka, bacele ukuphenduka, futhi balungiselele uMesiya. Futhi uma kwakuyisikhathi sokuphenduka ngalesosikhathi, kuthiwani-ke manje na? Ukufika kwaKhe kwase kuseduze, Wayenabo ngalesosikhathi. Manje, buka ukuthi kuseduze kangakanani . . . Ake sifananise lokhu isikhashana nje manje.

59 UJohane wayeqinisekile kakhulu ukuthi ukubonakala kukaMesiya kwakuseduze kakhulu, noma, ukufika kwaKhe

kwakuseduze kakhulu, ukuthi waze wathi, "Kukhona Omi phakathi kwenu manje, kukhona Oyedwa phakathi kwenu manje eningamaziyo, futhi NguYe Ozobhaphathiza ngoMoya oNgcwele noMlilo." Manje, uJohane wayengakaMazi ngalesosikhathi, kodwa wayazi ukuthi ukufika kwaKhe kwakuseduze kakhulu kangangokuthi Wayesevele ephakathi kwabantu.

60 Ake ngisho lokho, bangane. Futhi bazalwane bami, ningilahlelani na? Lapho uJesu, qobo lwaKhe (Nginitshele kangaki na?), ngethembisa, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Akathembisanga yini yona lento eningibiza ngayo "umthakathi," noma okuthile ngakho na? Akathembisanga yini ukuthi lokho kuzokwenzeka na? Khona-ke kuthiwani?

61 Siyathola eSodoma ngenkathi iziNgelosi ezintathu zehla ukuyoshumayela uMlayezo (Futhi kwakukhona izigaba ezintathu zabantu, ngasosonke isikhathi, okungukuthi, amakholwa, abangakholwayo, nabazenzisi, lokho ngukuthi . . . labo bahlala bendawonye, futhi bahlangana ndawonye, ngandlela thize ba—baphonswe ndawonye.) manje, kwakukhona amaDoda amabili ehla futhi ashumayela eSodoma, kuLoti. Leyo kwakuyintombi ngegama elele, umfanekiso wakho. Futhi ashumayela ukuphenduka, futhi awakaze enze isimangaliso esingako, aphuphuthekisa abantu, kusobala, ukushumayela iVangeli kuphuphuthekisa ongakholwayo, siyakuqonda lokho.

62 NoBilly Graham wesimanje, ufanekisa, ungena kulelidolobha lapha, futhi u, uNkulunkulu umbusisile, futhi wamthumela ngaphandle njengesithunywa ezweni lamahlelo. Futhi akancengi, ukubeka ngqo phakathi lapho, kanjalo, ubamba leloZwi lo—lokuphenduka ngendlela okungekho muntu engimaziyo ngakho, lutho impela, ukumuzwa eshumayela. Awu, ngani na? Leyo yinkonzo yakhe, yilokho afanele akwenze. Kodwa lokho ngempela kwakumela lokho lawoMadoda ayenakho ezansi lapho, ekuqinisekiseni inkonzo yawo; kodwa Enye yasala ngemuva.

63 Manje, u-Abrahama umele iBandla elingekho eSodoma, kodwa elingaphandle kweSodoma. Igama elithi *Bandla* lisho "obizelwe ngaphandle." Futhi kukhona iqembu labantu ababizwe baphuma kulolohlobo lwempilo, baphuma kulezozinto, baphuma kulezo zinhlangano, nampa: Ama-Episcopalians, amaPresbyterian, iKatolika, mina umBaptisti, kwakuyikho, nazo zonke lezizinto, niyabo, *wabizelwe ngaphandle*, "khetha, beka eceleni," futhi bakude nento.

64 Manje, bhekisisani ukuthi isiThunywa, esafika kubo, Sathi, "Abrahama," hhayi u-Abrama, ezinsukwini ezimbalwa ngaphambi kokuba lapho uNkulunkulu wahlangana naye futhi waguqula igama lakhe lisuka ku-Abrama laba ngu-Abrahama,

uSarayi laba nguSara, futhi Wathi, "Abrahama, uphi umkakho, uSara na?"

No-Abrahama wathi, "Usetendeni," netende lalisemva kwaKhe.

65 Futhi Wathi, "Ngizokuvakashela ngokwesikhathi sokuphila." Ngamanye amazwi, "Uzoba nalengane osuyilinde iminyaka engamashumi amabili nanhlanu."

66 NoSara etendeni, wahlekela ngaphakathi, futhi wathi, "Mina, isalukazi, ngingajabula nenkosi yami, nayo isikhulile na?" Owesifazane wayeneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye, futhi owesilisa wayenekhulu. Vele ubuze noma ngubani, lokho kungaphezu kwanoma yiziphi izizathu, wayesedlule ekuyeni esikhathini iminyaka engamashumi amabili noma amathathu, nomzimba wakhe usufana nofile, nokho, "Akazange angabaze esithembisweni sikaNkulunkulu ngokungakholwa," kodwa walikholwa iZwi likaNkulunkulu, kungakhathaleki.

67 Manje, lokho kufanele kumele iBandla namuhla. Ngaleyondodana ethenjisiwe Waletha iNzalo yobuKhosi, okwakunguKristu. Futhi ngalokho wangenisa i . . . emenza uyise wezizwe, okuyiBandla labeZizwe, iNzalo yobuKhosi ka-Abrahama. Futhi sizisho ukuthi siyiNzalo yobuKhosi ka-Abrahama, futhi sibone iZwi laKhe liqinisekiswa phambi kwethu, bese-ke sinqaba ukuLisiza, noma—noma ukuLisekela, noma—noma ngisho—ngisho nokuLiphika na? Singaba kanjani iNzalo yobuKhosi ka-Abrahama futhi senze iqhinga elinjalo na?

68 Buka ukuthi kwenzekeni. Futhi Wathi . . . USara wahleka wathi, "Mina, isalukazi, futhi ngijabule nenkosi yami, futhi na?"

Futhi iNgelosi, ifulathele ngomhlane waYo kuye, yathi, "Uhlekeleni uSara na?"

69 Manje, uJesu wathi . . . Manje sifuna kuqala ukuthola ukuthi yayingubani leyoNdoda. Ayinikezeli iGama laYo, kodwa u-Abrahama, owakhuluma naYo, waYibiza, "Nkulunkulu." Kwasetshenziswa igama, "Elohim." U-*Elohim* ku—umHeberu, ngiyacabanga, nguye "OwaNele Konke," o—oMKhulu, "u-Elohim, uNkulunkulu oMkhulu uSomandla." Futhi uma u-Abrahama, owahlangana naYe, waYibiza kanjalo . . .

70 Manje, lokho kwakumeleni na? Ukuthi izwe elihlelekile, kuyoba neSodoma neGomora. Manje, khumbulani, lokho kwakungaphambi kokuba kwehle uMlilo. Sithenjiswe uMlilo ngalesisikhathi. Futhi ngaphambi kokuba kwenzeke izithunywa zehla, futhi zashumayela ebandleni elalisezimweni ezingokomthetho eSodoma. NeBhayibheli lathi izono zomuzi zaze zawuzwisa ubuhlungu umphefumulo, umphefumulo olungileyo, kaLoti nsuku zonke.

71 Kodwa Lowo owafika eBandleni elikhethiwe wenza lolohlobo lwesibonakaliso, noJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba-njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Futhi nokho, abakuboni. Angikuqondi. Kulungile.

72 Khumbulani, lokho namhlanje, ngenxa yokuthi nibona iBandla lenyuka lisuka entweni enkulu liye kwenye into enkulu. . . Futhi labobantu ngesinye isikhathi badonsa uthango oluncane. Ukuba uLuther akakaze aludonse uthango, ubezoba yiPentecostal namhlanje. Ibandla lePentecostal, namuhla, liyibandla lamaLuthela elithuthukile. Kunjalo impela.

73 Manje, sidonsa izintango. Uma singenza izinhlangano zethu, futhi siqede imfundiso yethu ngokhefana, "Siyakukholwa *lokhu*, kanye nokuningi uNkulunkulu azosinika khona," lokho kuyoba kuhle, kodwa baqeda ngongqi, "Siyakukholwa *lokhu*. Futhi uyakukholwa, noma ungezi ngakithi." Ngakho-ke, Nkulunkulu, uzivalele nje. Kulungile.

74 Kufanele sizimisele futhi sivuleleke ukwamukela uNkulunkulu, futhi noma yini uNkulunkulu anayo ngathi, ngenhliziyo evulekile, sifanele sikwemukele. Futhi ngakho-ke ngenkathi izizwe lapha zenqaba iZwi likaNkulunkulu, kukhona abahedeni ngaleya asebelungele ukuLemukela. Futhi iVangeli lizosuka kulesisizwe esihlakaniphile liye kumhedeni ongazi isandla sokunene kwesokhohlo, futhi yilokho okwenzekayo njengamanje, impela nje, kuyahamba.

75 Manje, uJohane wayeqinisekile *kangako* ukuthi wayezobona uMesiya, waze wathi, "Uphakathi kwethu manje." Manje, bhekisisani, qaphelani, kunomehluko omkhulu kakhulu esibonakalisweni sikaJesu ebonakala, bese kuba-ke uJesu eza. Kunamagama amabili ahlukene, asho izinto ezimbili ezehlukene, *ukubonakala* kweNkosi, no*kufika* kweNkosi.

76 Manje, ukubonakala kweNkosi kumanje, lapho Ibonakala kubantu baYo, uMoya waYo usebenza phakathi kwabo, ufakaza ukuthi yiYo enabo, ibalungiselela uHlwitho, ngokufika kweNkosi ukuzohlwitha uMlobokazi, niyabo, u*kubonakala* no*kufika*. Kulungile.

77 Manje, manje, lento okufanele siyenze, uma singayikholwa, futhi sishisekele ngayo, okokuqala sifanele sineliseke ukuthi nguNkulunkulu, bese kuthi lapho sesinelisekile, khona-ke siyashisekela. Ngiyakuthanda lokho.

78 Kulungile. UJohane wayazi ukuthi Wayeyoba yini, waMbheka, ngoba uNkulunkulu wamtshela ehlane, "Kuyoba khona isibonakaliso esiMlandelayo." Futhi ngenkathi uJohane ebona lesosibonakaliso, wazi ukuthi uMesiya wayemi lapho ndawondawo, futhi wasibhekisisa, lapho esaya khona, futhi wathi, "Nanto iWundlu likaNkulunkulu, elisusa isono sezwe. Ngoba Lowo owangitshela ehlane, 'Ozakubona uMoya ehla,

ahlale phezu kwakhe, NguYe oyobhaphathiza ngoMoya oNgcwele noMlilo.'"

79 Manje, iBhayibheli liyathembisa ngalolu izinsuku zokugcina ukuthi lezizinto, enizibona namuhla, ziyokwenzeka. Khona-ke sibona ukubonakala kukaMesiya esesimweni sikaMoya oNgcwele eBandleni. Futhi uma ukuphila kwe—kwesihlahla samapheya kwakusesihlahleni somthombe, ubuyoletha okufanayo, ubungathela amapheya, ngoba ukuphila esihlahleni bekuyoba, manje, kube ukuphila kwesihlahla samapheya. Akunandaba ukuthi sikhulu kangakanani, sincane kangakanani, sikusiphi isimo, bekuyofana, ngoba ukuphila kuso kuveza isithelo saso. Nesithelo sikaMoya silandela uMoya, noma uMoya uveza isithelo nezibonakaliso zeVangeli.

80 UJesu wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Bayokwenza. Futhi kuze kube kuphi na? "Kulo lonke izwe, nakuzo zonke izizwe."

81 U-Andreya, njengoba sifunda ngaye lapha emizuzwaneni embalwa edlule ekufikeni kweNkosi, U-Andreya, wayengumHeberu ojwayelekile nje owawela ukuyobona, ezwe uJohane eshumayela, futhi wayeqinisekile ukuthi lomprofethi wayekwazi ayekhuluma ngakho. Kwase kuthi-ke, enkundleni, ngolunye usuku, kwafika uJesu, futhi wezwa uJohane eMmemezela, futhi ethi, "NaNgu lapho, Lowo nguYe khona lapho."

82 Futhi u-Andreya, wathi, "Manje, into okumele ngiyenze wukungamgxeki uJohane, noma—noma ngithathe lokho nje, kodwa ngizohamba naYe futhi ngithole." Ngifisa sengathi wonke umuntu eChicago ubengaba qotho kanjalo.

83 Manje, u-Andreya wahlala naYe ubusuku bonke. Niqaphelile yini emBhalweni na? "Wahlala naYe ubusuku bonke." Wahlala waze waneliseka. Futhi emva kokuba esenelisekile, khona-ke wayeshisekele ngomunye umuntu enento ethile efanayo ayenayo.

84 Kepha umuntu kufanele aneliseke kuqala, futhi okuwukuphela kwento enelisayo wukubonakaliswa, noma ukukhonjwa kweVangeli bukhonjwa kuwe. Lapho ubona ukuthi usudlulile ekufeni wangena ekuPhileni futhi usuyisidalwa esisha kuKristu Jesu, lokho ukukhonjwa kukaMoya oNgcwele. Kunjalo impela. Ungalibhala kanjani uMoya oNgcwele iBhayibheli futhi ujike, ukuphike lokho Akuloba na? Niyabo, Angeke akwenze. Ungu. . . Lokho uku—lokho ukukhonjwa kokungakholwa, lokho ukukhonjwa kokungakholwa. Kodwa ukukhonjwa kokukholwa, uJesu wathi, "Lezi zibonakaliso ziyakukhomba labo okholwa yiMi." Manje, siyazi ukuthi lelo yiZwi likaNkulunkulu uQobo. Kulungile.

85 U-Andreya wayeshisekele ngomfowabo, ngemva kokuhlala noJesu ubusuku bonke. Ngesaba ukuthi, ngifisa sengathi

besinesikhathi esengeziwe, kodwa, ngiyesaba ukuthi yileyo indaba ngamabandla ethu namhlanje, Mfowethu, Dadewethu, asihlali nje isikhathi eside ngokwanele, sigijima singene futhi sixhawulane nomelusi, sibhale igama lethu encwadini, bese siya ekhaya; sizibiza ngelungu lebandla singenamthwalo nhlobo ngabalahlekile.

86 Asishisekeli ngezithunywa zenkolo phesheya kwezilwandle, asishisekeli ngababulawa yindlala kwenye indawo. Sinezisu zethu ezigcwele, futhi sinesonto elihle, elifudumele, elihle, kanye nomelusi omuhle, oyisihlakaniphi ongasoze asho lutho oluphikisana nezinto esizenzayo, ngakho si, sibonakala saneliseke kakhulu. Niyabo? Ngakho-ke asishisekeli, asishisekeli ngokuthi kuqhubekani.

87 Kepha uma ubunelisekile ukuthi uJesu Kristu wavuka kwabafileyo, futhi uyonanahlulela ngezono zenu, nokuthi ukuFika kwaKhe kuseduze, futhi lona nguMoya oNgcwele ezikhomba Yena uqobo, khona-ke uyoshisekela nangabanye abantu futhi, futhi ubayise kuYe, njengoba—njengoba nje ushisekele njengoba u-Andreya wayenjalo.

88 KwakunguJakobe, wayengashisekeli kakhulu ngokuthi wayemenze kanjani umfowabo, kwaze kwaba ngobusuku obunye wabambana ubusuku bonke. Wayenamahlonyana, njengoba bengivame ukumbiza kanjalo, ngixolele ngesisho, kodwa wa—wayegijima njalo ezungeza unina, futhi u-Esawu waye, wasebenza, wayeseba ubuzibulo ku-Esawu wayesebaleka, futhi emva kwesikhashana wayengashisekele, wayephumelela, enza kahle, kodwa ngobunye ubusuku wahlangana noNkulunkulu, futhi akaMdedelanga, akashongo ukuthi, "O, ngiyakuzwa. O, kungcono ngi—ngihambe *lapha*."

89 Umehluko phakathi kukaJakobe nabantu abaningi namuhla, uMoya oNgcwele uyokwehlela phezu kwesoni, futhi, noma ongakholwayo, noma umgxeki, futhi uzame ukumenelisa, futhi kuyoba njengoSt. Augustine waseHippo. Esikhundleni sokuqhubeka lapho ekhona ebandleni lika-Irenaeus, futhi emukela uMoya oNgcwele, wasuka wehlela e-Afrika, ku-Hippo, e-Afrika, futhi. Futhi nguye owenza isimemezelo ukuthi kwakulungile ukubulala amaKristu ayengakholelwa ebandleni lamaRoma.

90 Futhi encwadini yokufela ukholo, namhlanje, kumi abantu abayizigidi ezingamashumi ayisithupha nesishiyagalombili babulawe yibandla. Niyabo? Kungani na? Waba nethuba lokwamukela uMoya oNgcwele, waba nethuba, kodwa akazange aneliseke ukuthi KwakunguMoya oNgcwele lowo, futhi niyabona ukuthi ukukhathazeka kwakhe kwaya khona.

91 UJuda waba nethuba elifanayo bonke abanye ababanalo, kodwa wayenganelisekile ukuthi Lowo kwakunguMesiya, ngakho niyabona ukuthi kwenzekani. Wayengashisekele ngaWo,

ngaYe, ngoba wayenganelisisekile ukuthi Wayeqinisile noma qha. Manje, kufanele sineliseke.

92 Emva kokuba uJakobe esebambene ubusuku bonke, esikhundleni sokuzama ukulwa axoshe leyoNdoda, uJakobe wabambelela kuYo. O, ngifisa sengathi ngabe besinesigamu sehora kulokho, kanjani ukuthi leyonkosana ebambanayo, ya—yakwazi ukubambelela yaze yathola eyayikufuna. Yabamba *kwaze*! Kwamthatha ubusuku bonke, kodwa wahlala lapho. Wayefuna ukuneliseka ngokuphelele, futhi lapho ehlala kwaze kwaba yilapho uNkulunkulu eshintsha ukuhamba kwakhe, waneliseka.

93 Leyo yinkathazo yethu namuhla, asihlali isikhathi eside ngokwanele size sinelisekise ukuhamba kwethu, asihambi njengamaKristu. Uma sihlala isikhathi eside ngokwanele naYe, Uzokwenza ukuthi uhambe ngokwehlukile, ukhulume ngokwehlukile, uphile ngokwehlukile, wenze ngokwehlukile, ukholwe ngokwehlukile, wehluke. Into yakho wukuthi asihlali isikhathi eside ngokwanele, asibambeleli.

94 UJakobe wabambelela, Wathi, “Ngidedele, kufanele ngihambe.”

95 Wathi, “Ngeke ngiKushiye kuze kube yilapho nginelisisekile.” Amen. Khona-ke lapho uthatha isithembiso sikaNkulunkulu futhi ubambelele kulokho ku ub-. . . ungaMdedeli, hlala lapho nje uze ubone uNkulunkulu efika enkundleni, khona-ke usunelisekile. Futhi lapho uneliseka khona-ke ushisekelela abanye, kukhona okuthile ngakho okukwenza wena ushisekele.

96 UJakobe wathumela izinkomo, nakho konke okunye, ukuhlangabeza umfowabo, wayeshisekele ngenhlalakahle yomfowabo, ngemva kokuba esenelisekile ukuthi wayekhona uNkulunkulu, emva kokuba ekade ebambene naYe uqobo. Siyakudinga lokho.

97 UShamgari, abaningi benu anikaze nifunde, cishe yisigaba esisodwa eBhayibhelini, umusho omncane yikho konke okubhalwe ngaye. Yena, ngicabanga ukuthi wayecishe abe ngumahluleli we 13 wakwa-Israyeli, uShamgari.

98 Ngalezo zinsuku amaFilisti ayengena, lapho abahluleli bahlulela u-Israyeli. AmaFilisti ayefika cishe, ngesikhathi u-Israyeli esetshale zonke izitshalo zakhe, konke kubekwe enqolobaneni, konke kulungile, amaFilisti ayekhuphuka ngendlela ngqo, akuthathe kubo, nemindeni yawo ilambe. Futhi akuthathe, indoda isho noma yini, babeyoyibulala, bangene ngqo, babulale abesifazane, badlwengule amantombazane, kanjalonjalo, bathathe ukudla, baqhubeke baphindele emuva ezweni lakubo, futhi baphile ngokunethezeka, ya, bonke ubusika bonke. Uma bebavumela ukuthi bahlale lapho, bayobulawa indlala, ngokwangempela.

99 Awu, mhlawumbe unyaka nonyaka lamaFilisti ayevakasha. Ompofu, u-Shamgari omdadlana, yena—wayemi lapho ngolunye usuku, futhi esethe ukwendlala ukolo wakhe wonke, wonke ubhuliwe, emi enqolobaneni, futhi wezwa into ethile ikhuphuka ngomgwaqo. Wayelokhu ebuka nje, mhlawumbe, umkakhe, ekhiphe imikhono yakhe, futhi intombazanyana yakhe, ezacile, ubuso obugulayo ngenxa yendlala, wayeshisekele ngabo.

100 Futhi manje, into yokuqala niyazi, okhuphuka ngomgwaqo, uzwa ukugqishazela, wabuka ngaphandle. Yini eyayizokwenzeka na? Nakhu kwenyuka amaFilisti angamakhulu ayisithupha ahlomile, ekhuphuka ukuzothatha konke okwakhe okugciniwe kwehlobo, athathe ukudla kwakhe enzele ubusika. Wayazi ukuthi umkakhe wayezobulawa indlala ubusika bonke, abantwana bakhe bangahle bafe, babeyobulawa ukungondleki kahle. Futhi wayazi ukuthi kuyobakhona okuthize okwenzekayo, wayeshisekele ngomndeni wakhe.

101 Manje, kunento eyodwa okumele ayenze, ukunakekela lesisimo, watadisha umzuzu, "Ima kancane, angisilo isosha, angazi lutho ngokuthi isetshenziswa kanjani inkemba nanoma yini, futhi kukhona abangamakhulu ayisithupha abamelene nami. Bengiyoke ngikwenze kanjani na? Ngimi lapha ngigqoke izingubo zomlimi," njengama-ovaloli, noma okuthize, "futhi bonke bangamaqhawe aqeqeshwe kahle, befake izigqoko zezivikelo ezinkulu kakhulu, nezingcwecwe zesifuba nezinto, abaqeqeshwe njengebutho elilodwa elikhulu."

102 Wama lapho, wayeshisekele ngomndeni wakhe, kodwa emva kwesikhashana uyaneliseka, amen, ukuthi wayenelungelo. WayengumJuda, wayesokiwe, wayesesivumelwaneni noNkulunkulu ngesithembiso Asinika u-Abrahama, khona-ke wayenelungelo lokuthi uNkulunkulu uyomvikela ezitheni zakhe. UMoya wehlela phezu kwakhe, wadumela induku yokuqondisa inkabi, leyo yinto encane abashaya ngayo inkabi, wathatha leyonduku yokuqondisa inkabi wayesegxuma waphuma emnyango, futhi wabulala amaFilisti angamakhulu ayisithupha. Kwakuyini na? Wayenelisekile. Amen.

103 Uma leliqembu labantu lapha, kulobubusuku, lingathola ukuneliseka okungako ukuthi uNkulunkulu owayengenza owesifazane lapha akhulume ngezilimi, futhi indoda isho into ethile eyayingabikezela, noma isho kungakenzeki, futhi amandla kaNkulunkulu ashanela futhi athathe izoni futhi enze amaKristu ngazo, uma besinganeliseka ngokoqobo ukuthi kwakunguNkulunkulu lowo, bekungaba khona ukugula. . . bekuyoba nemvuselelo eshaya iChicago. Ngalababantu abaningi bebeyosifaka sonke ejele ngaphambi kokusa, ngoba bekuyoshisa lendawo ngeVangeli kanye nobufakazi bamandla okuvuka kukaJesu Kristu. . .?. . . Ubuyoshisekela kakhulu!

104 Sifanele sineliseke ukuthi *Leli* yiZwi likaNkulunkulu. Ungathathi okwashiwo enye inhlangano ngaLo, thatha okungu ISHO KANJE INKOSI. Bangahle babe nephutha, *Lokhu* ngeke kube okungalungile, futhi uma *lokho* kuphambene na*Lokhu*, khona-ke *lokho* akulungile futhi *Lokhu* kulungile, leliBhayibheli engilikhombayo, *Lelo* yiLokho okulungile.

105 UNkulunkulu wanikeza izithembiso, nalapho uNkulunkulu enikeza isithembiso ku—ku-Abrahama, naku. . .Wathi uyonqoba isango lesitha sakhe, futhi ngakho uShamgari wakukholwa lokho. Futhi bheka izingqinamba ngokumelene naye! UNkulunkulu udinga umuntu oyedwa kuphela, Mvumele nje athathe umuntu oyedwa esandleni sakhe, umhlaba uzocabanga ukuthi uyahlanya, kodwa uzoqhubela iVangeli ekhaya, lapho enelisisekile ukuthi uJesu Kristu usenguye izolo, namuhla, naphakade. Ngaphansi kwanoma yini enye uzoma ngeqiniso futhi aqhubeke, ngoba unelisisekile ukuthi uNkulunkulu unguNkulunkulu.

106 Uma Wake waba nguNkulunkulu, UsenguNkulunkulu. Uma Engesuye uNkulunkulu Ayenguye, Akazange abe nguNkulunkulu. Kunjalo. UnguNkulunkulu ongenasiphelo, onamandla onke, uMninimandla onke, okhona yonke indawo, owazi konke, ongenasiphelo, o, he, U—UnguNkulunkulu! UnguNkulunkulu ofanayo owavula uLwandle oluBomvu, UnguNkulunkulu ofanayo owakhipha uDaniyeli emphandwini wezingonyama, uNkulunkulu ofanayo owakhipha abantwana bamaHeberu esithandweni, isithando somlilo, UnguNkulunkulu ofanayo owavusa uJesu Kristu ekuseni kwePhasika, UnguNkulunkulu ofanayo owawa ngoSuku lwePhentekoste, UnguNkulunkulu ofanayo owavusa uLazaru ethuneni, Unguye izolo, namuhla, naphakade. Futhi nginelisekile ukuthi *Lona* nguMoya oNgcwele.

107 UPetru wathi ngoSuku lwePhentekoste, "*Lokhu* yi*Lokho*." Uma *Lokhu* kungesikho *Lokho*, ngizovele ngigcine *Lokhu* kuze kufike *Lokho*, ngokuba ngikholwa ukuthi *Lokhu* yi*Lokhu*. Nginelisekile ukuthi yiVangeli, namandla, ukubonakaliswa kovuko, kokubonakala kweNkosi uJesu ngalolu izinsuku zokugcina, enza iBandla lilungele ukuhlwithwa kuMlobokazi. O, he!

108 Ukube-ke uShamgari wayethe, "Manje, ima kancane! Ngizofanele ngilinde ngize, ngibabona beza, kodwa kungcono ngihambe, futhi, ukufunda esikoleni isikhashanyana, futhi ngifunde ukulwa kwababili kwesivumokholo sehlelo, ngilwe nabo ngokulwa kwababili"? Qhabo. Ukube wayenze lokho, yilokho kuphela abeyokwazi ngakho, ngakho ubengeke awenze umsebenzi ngokulwa kwababili kwakhe.

109 Wavele wathatha uNkulunkulu esethembisweni saKhe, ukuthi uyonqoba isango lesitha sakhe, futhi wama lapho

ephethe induku yokuqondisa inkabi, okwakusesandleni sakhe, wagawula indlela yakhe eya ekunqobeni, amen, ngoba wayenelisekile ukuthi uma uNkulunkulu wake waba nguNkulunkulu, WayesenguNkulunkulu.

110 Aninelisekile yini, kulobubusuku, ukuthi uNkulunkulu owayeseTestamenteni eLidala unguNkulunkulu weTestamente eLisha, futhi uNkulunkulu ofanayo namuhla na? IBhayibheli lithi kumaHeberu 13:8, "UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade."

111 "UMose wathi ukuthukwa kukaKristu kuyingcebo enkulu kunengcebo yaseGibithe." Ngakho-ke washiya isihlalo sobukhosi, wathatha ukukhetha kwakhe kanye nezigqila ezimpofu, ezingazi lutho, ezingafundile. Ngani na? Wathi iNgcebo kaKristu iyingcebo enkulu, ukuPhila okuPhakade, kunokuba nenkazimulo yakhe kulelizwe, ngalesosikhathi.

112 Babe nayo yonke inkazimulo abayifunayo, kodwa lokho uNkulunkulu akufunayo namuhla abesilisa nabesifazane abangakhathalele ezimpahleni zikanokusho ezinkulukazi, nazozonke lezi ezinye izinto, nokwakha enye inhlangano ngesigidi ngaphezulu, kodwa omunye oyothatha iZwi likaNkulunkulu elilula futhi aLishumayele ngakho konke okukubo, futhi alindele uNkulunkulu ngamandla kaNkulunkulu ukuba azibonakalise Yena uqobo, futhi Azikhombise uNkulunkulu ofanayo Ayelokhu enguye. Amen.

113 UShamgari wayelinde waze wafunda zonke izivumokholo nezinto, yilokho kuphela ayekwazi ukuhlangana namaFilisti ngakho, kodwa akazange alinde. Qha, mnumzane.

114 O, sithumela izithunywa zethu zenkolo namuhla. Bheka umehluko ekuzameni ukuthumela izithunywa zenkolo, ngisho nasezikhundleni zethu zePentecostal. Ngani, amanye amabandla ethu ePentecostal, noma amahlelo ePentecostal, afanele, izithunywa zethu zenkolo, ngaphambi kokuba zihambe ziye phesheya kwezilwandle, zizofanele zime phambi kodokotela bengqondo futhi zihlolwe ingqondo. Kunjalo. Bengisezikoleni ngqo ngesikhathi kwenziwa. Ufanele ume phambi kokuhlolwa kwengqondo, ukuvumela udokotela akutshele, futhi mhlawumbe udokotela ungongakholwayo (Hhe?), ume phambi ko—kodokotela, u—udokotela wengqondo, ukuze uhlolwe ingqondo.

115 Esikudingayo namuhla akukhona ukuhlolwa kwengqondo; ukuhlolwa kwengqondo ukuthi sizolikholwa yini iZwi likaNkulunkulu noma qha. Uma ungalikholwa iZwi likaNkulunkulu, khona-ke kukhona okungalungile ngawe, impela ngokwenele. Ungase ube nazo zonke izinhlobo zeziqu, i-Ph.D., D.D.D., kanye no L.D. abaphindwe kabili, noma ngabe yini ongaba nayo, kodwa uma ungalikholwa iZwi likaNkulunkulu, ungongakholwayo, kunjalo.

116 O, iminyaka eyishumi esikoleni ukufunda ukuba isithunywa senkolo; iminyaka eyishumi, ufanele uye esikoleni ukuze ufunde ukuba isithunywa senkolo. O, he, kubi kabi lokho. Iminyaka eyishumi ukuthola ukuthi ungakwazi yini ukufunda ulwimi. Wenzani lapho uzama ukukhuluma ulwimi na? Uyakuhlanganisa njengomJalimane othile, ube lapha amasonto ayisithupha futhi ezama ukukhuluma isiNgisi, awazi ukuthi ukhuluma ngani, ngendlela efanayo. Abanye babo, abanayo ngisho noma yini abangafunda ngayo. Uzolwazi kanjani ulwimi na? Kuzosiza ngani, ngaphandle uma unokuthile okufakazela kubo ngemva kokuba usufikile lapho na? Vele ube ngomunye wabo, ukuhleleka okufanayo abakukho, yilokho kuphela.

117 Asidingi ukufunda ulwimi, sidinga ukufunda ulwimi lwaseZulwini olwehliswa luvela eZulwini ngamandla kaMoya oNgcwele, ulwimi lweVangeli: UJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade.

118 Behluke kanjani laba namuhla, kunokuba babenjalo ngoSuku lwePhentekoste! Abazange babafake ekuhlolweni kwengqondo, abazange babafake esikoleni, akukho sibonakaliso sabo ukuthi bake baba lapho, kodwa ba-. . . abadingekanga balinde iminyaka eyishumi, balinda izinsuku eziyishumi, futhi bonke bagcwaliswa ngoMoya oNgcwele. Bahlala lapho baze baneliseka ukuthi leso kwakuyisithembiso.

119 Kuthiwani ukuba babelapho izinsuku eziyisikhombisa na? U-Andreya ngahle ukuba wathi kuFiliphu, "Awusho, awazi ukuthini? Wasitshela ukuba sikhuphukele lapha futhi silinde. Ngikholwa ukuthi sesivele sinaWo. AsiWemukele ngokukholwa." Ukube uPetru wayengathi kuJohane, "Uyazi ukuthini? Wasitshela ukuba sikhuphukele lapha. Ngakho thina . . . Ngi . . . sesivele sibe lapha izinsuku eziyisishiyagalolunye. Ngi—ngikholwa ukuthi sifanele nje siWemukele, siqhubeke nenkonzo yethu." Ukube babeyokwenza, bebengeke babe nenkonzo.

120 Kodwa Wathi, "Ngizothumela isiThembiso." Siyini isiThembiso na? Bangabuyela phakathi ngale ku—ku, ngale ku-Isaya 28:19, futhi bathi, "Isiyalezo kufanele sibe phezu kwesiyalezelo; umudwa phezu komudwa; lapha ingcosana, nalapho ingcosana. Bambelela kulokho okuhle. Ngokuba ngezindebe ezingingizayo nangezinye izilimi ngiyakukhuluma kulababantu. Leli yisabatha eNgasho ngalo ukuba balizwe." Kunjalo.

121 UJoweli wathi, ku-2:28: "Kuyakuthi ngezinsuku zokugcina," kusho uNkulunkulu, "Ngiyakuthulula uMoya waMi phezu kwayo yonke inyama; amadodana enu namadodakazi enu ayakuprofetha. Naphezu kwezincekukazi nezincekukazi eziyizisebenzi zaMi Ngiyakuthulula uMoya waMi. Abadala benu bayakuphupha amaphupho, nezinsizwa zenu zibone imibono." Kuyobakhona kanjani izinsika zomlilo, nentuthu nomhwamuko,

izinto eziyokwenziwa ukuze kufezeke, kodwa, "bonke ababiza iGama leNkosi bayakusindiswa."

122 Balinda kwaze kwaba yilapho uNkulunkulu ethumela khona phansi amandla anelisayo obufakazi bokuthi uMoya oNgcwele wawulapho, uMlilo wehlela phezu kwalowo nalowo, njengezinkotha zomlilo zivutha phezu kwabo. Lapho bephumela emgwaqweni, babengakwazi ngisho nokukhuluma ulwimi lwabo uqobo, futhi bakhuluma ngolwimi lwalabobantu ababemi phandle lapho bebalalela. Amen.

123 Babenelisekile, futhi yingalesosizathu bashisa umhlaba wonke ngalolosuku. Futhi iVangeli lahamba yonke indawo ngoba babeneliseke ngokugcwele ukuthi KwakunguKristu ovusiwe, ngokuba baMbonile enza izimangaliso phakathi kwabo njengoba Ethembisile ukuthi Uyokwenza. Babenelisekile ngoba iZwi likaNkulunkulu labonakaliswa kubo. Yeka ukuthi kwehluke kanjani namuhla ngePentecostal!

124 Kwakwehluke kanjani! Abazange babayise phambi kukadokotela wengqondo, noma okuthize, ukubona ukuthi babengakwazi ngempela yini ukumelana nokuhlolwa kwengqondo noma qha. Abazange bakwenze. Nakhu ukuhlolwa kwengqondo: niyabona ukuthi bakude kangakanani na*Lokhu*. Yebo. Yebo. Abanye balabo bantu babengenayo ngisho nemfundo eyanele yokubhala amagama abo. Kunjalo. Babengakwazi ngisho nokubhala igama labo, kodwa babenelisekile, futhi babeshisekele.

125 Uma babenelisekile futhi babenoNkulunkulu enhliziyweni yabo, kwakuzodingeka bashisekele, ngokuba uKristu wayeshisekele kakhulu ngezono zezwe, waze Wanikela ngokuPhila kwaKhe ngenxa yakho. Futhi uma lowoKristu ofanayo wayekini, futhi khona-ke usunelisekile ukuthi UnguKristu, uzoshisekela futhi. Kulungile. Asishisekeli ngokuthatha iVangeli.

126 Umfundisi, mhlawumbe iNkosi imbizele endaweni encane lapho angashumayela khona, noma enzele iNkosi umsebenzi othize, uma bengamkhokheli nje, kahle, othile umnika inkokhelo engcono *laphaya*, ngenxa yemali uzosuka *lapha* lapho uNkulunkulu amthumele khona, futhi aye *laphaya* lapho kunemali eningi, enganelisekile okwangaleso sikhathi ukuthi kwakunguNkulunkulu ombizile lapho.

127 Uma unelisisekile, uma kufanele udle isinkwa sommbila futhi uphuze amanzi egatsha, awunandaba ukuthini, omunye umshumayeli angaba nakho, ukudla kwenyama yenkukhu kathathu ngosuku futhi agibele iCadillac enesishayisa-moya, awunandaba, ngokuba uma unelisekile ukuthi kungamandla kaNkulunkulu ensindiso, futhi ubizelwe kulowoMoya, owavusa uJesu kwabafileyo, futhi uyaMbona esebenza ngawe, khona-ke ushisekela ngensindiso yomfowenu. Hhayi, ukumxhawula,

ubhale igama lakhe encwadini, ufanele azalwe ngokusha ngoMoya kaNkulunkulu, ufanele abe namandla kaKristu empilweni yakhe amshintshayo asuke ekubeni umuntu ofile abe yisidalwa esiphilayo, itshe eliphilayo, eliphakanyisiwe, nezindlalifa kanye noKristu eMbusweni, ehlezi ezindaweni zaseZulwini. Kufanele uneliseke kuqala.

128 Ubungeke uze emhlanganweni, ubungahlekisa ngomhlangano lapho uMoya oNgcwele ubuwehla khona, ubuyokwenza uze uneliseke. Futhi khona-ke lapho usunelisekile, khona-ke uyashisekela. Kodwa manje, linda uze uneliseke, khona-ke uzoshisekela.

129 Abazange balinde imfundo, abazange balinde baze babe nesikole esikhulu, abazange balinde uze ubanikeze amaphepha, abazange balinde lezizinto, babenaYe, Yilokho kuphela ababekudinga. Futhi abantu ababeya kubo, babenelisisekile ukuthi Yilokho kuphela abantu ababekudinga, futhi ngisanelisekile ngento efanayo.

130 Asikudingi konke lokhu lapha izinto oku *bizwa ngokuthi* ubuKristu namuhla, sihamba ndawonye, futhi sizama ukuhlangana ndawonye, njengoMkhandlu wamaBandla oMhlaba. Yini ezweni? Lapho ukungakholwa, nabangakholwayo, nakho konke kuxutshwe ndawonye phakathi, sike siqhubeke kanjani na? Esikudingayo inkolo eyimfashini endala, emahlanzeni akude, eluhlaza okwesibhakabhaka, ebulala isono . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . Amandla eVangeli, noMoya oNgcwele washumayela ngamandla okuvuka. Thola imvuselelo enhle endala kaPawulu oNgcwele kanye noMoya oNgcwele weBhayibheli, unelisa amadoda. Sidinga ukubona uKristu eza phakathi kwethu futhi enze, futhi enze khona impela lapho Athi, "O—okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza, emininingi kunale uyakuyenza, ngokuba Ngiya kuBaba waMi."

131 Uphi udokotela emuva lapha, lapho kucashunwe khona esikhashaneni esedlule, "Nginani njalo, kuze kube sekugcineni komhlaba"? Futhi nginelisekile ukuthi Ulapha, Wathi Uzoba lapha, "Lapho ababili noma ngaphezulu wayebuthene eGameni laMi, Ngizoba phakathi kwabo." Lokho akunjalo, khona-ke konke okunye kwaLo akunjalo; Lilungile, noma aLilungile lonke. Ngikholwa ukuthi yiLo, lonke iZwi, liqinisile.

132 Ngikholwa ukuthi Ulapha manje, ngikholwa ukuthi uMoya oNgcwele ofanayo owehla ngoSuku lwePhentekoste useChicago, kulobubusuku. Ngibambe ingxenye yaWo enhliziyweni yami, futhi ngenelisekile ukuthi NguMoya oNgcwele ofanayo, lezizinto ezifanayo. Lokho kungenza ngishisekele ngokuyisa loMlayezo kumfowethu noma udadewethu ndawondawo,

umfowethu oyiBaptisti, umfowethu oyiMethodisti, umfowethu ongumKatolika, noma ngabe bakuphi.

133 Ngenelisekile ukuthi Lona nguNkulunkulu, futhi ngenelisekile ukuthi uJesu uyeza, nginelisekile ukuthi lokhu ngukuqala kokubonakala kwaKhe esesimweni sikaMoya oNgcwele ngezinsuku zokugcina, ngoba umprofethi wathi, "Kuyoba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa." Nginelisekile ukuthi umBhalo ugcwalisekile. Ngiyanelise-. . . Nginelisekile ukuthi umhlaba usekuqaleni kokubhujiswa, uhlelo lwezwe, i-kosmos, kodwa, ngiyakwenza, nginelisekile ukuthi ukufika kweNkosi sekusondele, nginelisekile ukuthi Esinakho nguMoya oNgcwele.

134 Nginelisekile ukuthi iChicago iye yanyakaziswa, hhayi isosha elingabalulekile phandle lapha, lezizakhiwo, nokwehla nokwenyuka ngomgwaqo, laba besifazane begqoke ngokungenasimilo, nalamadoda eqhubeka, ukudakwa okuningi, futhi eqhubeka, Mina . . . ukuya esontweni, nokuthatha isinkwa esilula, isinkwa esingulofu, ukwenza isinkwa ikosha ngaso, angikholelwa kuleyonto, ukubhodla, ugologo nento emoyeni womphefumulo wabo, bese-ke bephuma futhi bathathe isidlo, igama labo encwadini ethize yebandla, futhi bazibize ngamaKristu, angikukholwa lokho.

135 Ngikholwa ukuthi iBandla likaJesu Kristu yileloQembu elibizelwe ngaphandle elingcwelisiwe ngeGazi likaJesu Kristu, futhi libekwe eceleni ukwenzela inkonzo. Futhi ngikholwa ukuthi lento esiyibona yenza *ngukubonakala* kweNkosi uJesu phakathi kwethu, njengoba Asho.

136 Khumbulani, ngezinsuku zaseSodoma ukuthi kwakuyiNdoda imi lapho eyayingadla futhi iphuze, kodwa kwakunguNkulunkulu kuMuntu, ekhombisa ukuthi uNkulunkulu wayezobonakala ngezinsuku zokugcina esesimweni senyama yomuntu eBandleni laKhe, onguMlobokazi waKhe, futhi Babezokwenza izinto ezifanayo Azenza. Amen. Ngiyakukholwa.

Omunye wathi, "Uyahlanya, Mshumayeli."

"Awu," ngathi, "ngiyeke khona-ke, ngijabule ngalendlela kunalendlela ebengiyiyo." Kulungile.

137 Babenelisekile! Babenelisekile ukuthi konke ababekudinga kwakunguJesu, futhi babenelisekile ukuthi bonke abantu ababekudinga kwakunguJesu.

138 Senzani e-Afrika na? Nakhu kuhlezi indoda yesiBhunu *lapha*. Siya lapho futhi sifundise labobafo ukufunda, ukubhala, nezibalo. Senzenjani na? Sibathumele ezansi lapho, futhi baba yini na? Ingane yesihogo ephindwe kabili kunalokho ababeyikho okokuqala. Banezono zabo zezizwana, futhi lapho bengena, bathatha izono zabelungu. Kunjalo. Kumenza abe mubi kakhulu

kunalokho ake waba yikho, phandle ezinkompolo, kanjalonjalo. Kunjalo.

139 Ngani, ungumbulali, uba umdlwenguli, uyikho konke okunye. Uphuza ugologo womlungu, uthatha izono zakhe. Lapho engaphandle esizwaneni, uma enze into ethile efana naleyo, uyobulawa ngenxa yakho. Kunjalo. Kungani, akayidingi imfundo, udinga insindiso, udinga amandla ovuko ukuze aguqule leyonhliziyo, enza okuthile kuye. Amen. Mm! Kunjalo.

140 Yebo, mnumzane. Wayenelisekile ukuthi Yilokho kuphela ababekudinga, futhi babedinga Yena kuphela, futhi bazi ukuthi Wayezohlangabezana nazo zonke izidingo zabo. Kwakungadingeki babe nekhadi elingumazisi, babengadingeki ukuba babe nenhlangano ngemva kwabo, babenoJesu, futhi Wahlangabezana nakho konke ababekudinga.

141 Ngicabanga ukuthi ibandla lifanele likhohlwe okuningi kwalokhu lapha izinto, lapho imvuselelo iza edolobheni, "Yiziphi izincwadi ezimchazayo na? Ubani ongakusekela na?" UKristu uyiSipele sethu, uKristu unguFakazi wethu, singofakazi baKhe, yilokho kuphela okudingwa yiChicago, akukhona ukubambisana okukhulu nokuthile, badinga amandla kaKristu, ukukhonjwa kukaMoya oNgcwele ukuguqula izinhliziyo zabantu, abenze izidalwa ezintsha. Banelisekile, khona-ke bayashisekela.

142 Ake sibone, abanye, konke ababekudinga kwakunguKristu, Yilokho kuphela abakudingayo namuhla. Awudingi ukulinda, futhi uye esikoleni, futhi uthathe iminyaka engamashumi amathathu nanhlanu ngaphambi kokuba uke, usumdala kakhulu, impela, khona-ke ukuba ukwazi ukuhamba hamba. Uzokwenzenjani na? Shumayela iVangeli. Yebo, mnumzane. Hhayi imfundo, ungaphumi futhi ubafundise, phuma futhi ubasindise, uJesu washo. Kunjalo.

143 Njengo-Hudson Taylor, isithunywa senkolo esikhulu, abaningi benu niyazi, eShayina, kwakukhona umfana waseNdiya, noma, qha, umfana waseShayina ngolunye usuku wasukuma, wasindiswa, noMoya oNgcwele wehlela phezu kwakhe, waya kuMnu. Taylor, futhi wathi, "Mnu. Taylor, ngiyakwenzenjani na? Ngiyakungena kusiphi isikole na? Ngiyakwenzenjani na?" Futhi wathi, "Ngingathatha leminyaka yokufunda esikoleni edingwa yibandla na?" kanjalonjalo.

144 UMnu. Taylor wathi, "Ungalikhiphi ikhandlela lakho futhi ulishise libe maphakathi nendawo ngaphambi kokuthi uthole ukuthi liyasha noma qha." Wathi, "Hamba lapho liqala ukokhelwa."

145 O, ngizosho into efanayo. Awudingi ukulinda futhi ukubone kuhlolwa, futhi kuhlolwe, futhi kuhlolwe, futhi uthathe izivivinyo eziningi, nokuhlushwa, nakho konke lokhu kufunda, futhi uthole iziQu zoBuciko zakho, kanye ne-Ph. yakho ne-D.D.,

nayo yonke into enjalo. Uma ungenakho konke lokho, kulungile, kodwa uma ungenakho lokho, hamba lapho—lapho kukhanya. Uma ungeke usakwazi ukukwenza okungaphezu kokubatshela ukuthi kukhanyisiwe, batshele ukuthi lokhelwa kanjani. Yilokho kuphela okufanele ukwenze, empeleni.

146 UNkulunkulu wokhela ikhandlela lakho elincane, hamba ubatshele ukuthi lokhelwa kanjani. Amen. Bayeke, ubatshele nje ukuthi ikhandlela lokhelwa kanjani. Makuthi bona. . . Khona-ke uNkulunkulu uyokunakekela konke okunye kwakho. Into yakho ngukuthi, ngukokhela lelo khandlela ngoMlilo ovela e-altare futhi uNkulunkulu uyakugunyaza ngamandla kaMoya oNgcwele, nokuvuka kukaKristu.

147 Bayeke, ungabafundisi, ungazami ukufundisa zonke lezizinto kubo. Uyabona ukuthi kusibeke kuphi: isigejane sabaphikinkolo ababhakwe uhhafu. Kunjalo, uphika iZwi likaNkulunkulu ngesimo sokumesaba uNkulunkulu, kungaba ngcono ukungezwa ngaKho nhlobo. Kunjalo.

148 Esikudingayo amakhandlela okheliwe, esikudingayo yizimpilo ezokheliwe, ezivutha ngamandla nokuvuka kukaKristu, kukhanya uhlobo olufanayo lokuKhanya Alunikezayo. Ngiyakukholwa.

149 Ungalindi uze ushe uhhafu, uzama ukufunda ulwimi oluthile, noma uthole umusa enhlanganweni ethile, lapho Ekukhanyisa, hamba. Amen. Vele ubatshele ukuthi hlobo luni lwesehlakalo owaba naso ngenkathi wokhelwa, khona-ke mhlawumbe bazokokhelwa, bakhanye ngokuKhanya kwakho. Yebo, mnumzane.

150 Indoda eyimpumputhe eyazalwa iyimpumputhe, iyisibonelo esihle kithi sonke. Manje, yazalwa iyimpumputhe, uJesu wadlula futhi wayenza, wayinika ukubona kwayo. Futhi nakhu kukhuphuka bonke odokotela besayense ephathelene nengqondo, na—nabo bonke odokotela, nabapristi, kanye, abethempeli bayakhuphuka, nabaFarisi, futhi babezama ukuphikisana naye ngesayense yezenkolo.

151 Manje, a—akakwazanga ukuphikisana ngesayense yezenkolo, wayengazi lutho ngayo, kodwa, mfowethu, wayenento eyodwa: wayenesehlakalo. Zama ukumphikisa kulokho, uzame ukumtshela ukuthi wayengaboni, uzokukhombisa ngokushesha ngqo ukuthi uyabona. Kunjalo. Angase angaqondi yonke i—impikiswano okwakumele bayibeke, kodwa wayebaphekile impela ngenkathi ethi, "Kuyamangaza ukuthi leNdoda ingavula amehlo empumputhe, futhi nokho, nizisho lokho eniyikho, futhi anazi lutho ngaYo." Ngikholwa ukuthi wayenomqondo ophusile omuhle, uma wayengenayo inqwaba yesayense yezenkolo ebhakwe kuye, noma okuthize, wayenakho ngempela.

Wathi—wathi, "Awu, lomuntu uyisoni."

Wathi, "Ukuthi Uyisoni noma qha, angazi, kodwa yilento eyodwa engiyaziyo: Lapho ngake ngaba yimpumputhe, manje sengiyabona."

152 Awu, ungathi ngiyahlanya uma ufuna, ungathi ngiphumile entandweni yeNkosi uma ufuna, kodwa into eyodwa nje: Lapho ngake ngaba yisoni, ngasindisiwe, lapho engake ngadabukisa futhi ngingasekho, ngiyajabula eNkosini uJesu, ngiyazi kukhona okwenzekile kimi.

153 Njengoba udade oyikhaladi asho ngesinye isikhathi emhlanganweni, wathi, "Ngifuna nazi into eyodwa nonke," wathi, "Angiyikho lokho engifuna ukuba yikho, futhi angiyikho lokho obekufanele ngibe yikho, kodwa kunento eyodwa eqinisekile, angikhona engangivame ukuba yikho." Ngiyakutshela, lokho kuyinto enhle.

154 Uyazi ngenkathi wedlula ekufeni wangena ekuPhileni, lapho uNkulunkulu ekubamba futhi eguqula impilo yakho, uyaguqula . . .?. . . futhi uguqula yonke into engaphakathi kuwe, futhi akwenze isidalwa esisha. Amen. Yilokho esikudingayo, amanye amakhandlela akhanyisiwe. Yebo, mnumzane.

155 Ya, wayebona, leyo yinto eyodwa, ubungeke umphikise ngalokho, kungenzeka ukuthi u—umtshele into eyodwa noma enye. Kungenzeka ukuthi akazange ayiqonde yonke imfundiso yethempeli, nokunye nokunye, kodwa wayeno—ubufakazi obuhle, isehlakalo esihle, esingaphezu kwalokho ababengakuveza. Nayo yonke isayensi yabo yezenkolo, nokho, babengenakuveza udaba olulodwa noma ngasiphi isikhathi, umuntu owazalwa eyimpumputhe, uyoke abone. Ngakho abakwazanga ukukuphikisa lokho nya, ngakho kwadingeka bamyeke aqhubeke, ngakho bavele bamqukula, bamphonsa ngaphandle kwesakhiwo.

156 Leso kwakuyisimo sabo sengqondo ngaleyonkathi, kuyinto efanayo namuhla, ba . . .?. . . Kodwa kusekhona: "Ngake ngaba yimpumputhe, manje sengiyabona." Amen.

> Umusa omangalisayo! umsindo omnandi kangaka,
> Wasindisa olusizi njengami!
> Ngangilahlekile, kodwa manje sengitholiwe,
> Ngangiyimpumputhe, kodwa manje sengiyabona.
>
> Kwakungumusa owafundisa inhliziyo yami ukwesaba,
> Futhi umusa ukwesaba kwami kwakhululwa;
> Wabonakala ujabule kanjani lowomusa
> Ngehora engaqala ukukholwa ngalo!

O, he! Makube yindaba yami leyo.

157 Khona lapha eChicago, UDwight Moody, umvangeli omkhulu owaba nemvuselelo enkulu lapha, ngesinye isikhathi eChicago, niyazi, wayeyindoda engafundile. Abazange... Bamzonda futhi, ngani, impela, bamzonda.

158 Wayengenamfundo nhlobo, wawelela eLondani, eNgilandi, wakhuluma nabasebenzi abakhuluma ngendlela yabo, o, he, yonke into izofanele ibe *ukuthi-nokuth*i. NoMnu. Moody, emi phambi kwezinkulungwane zabo ngobunye ubusuku, waqala ukufunda iBhayibheli, futhi wayezilolonge ngegama ukuze azame ukuliphumisela kahle, futhi waliphumisa ngokungesikho. Wahlikihla ikhanda wahamba futhi, waphinda wazama, waphinda waliphumisa ngokungesikho. Wabuka laphaya, nabo bonke labobafo, niyazi, wayesevele eselungele ukuqhuma uhleko olukhulu. Waphinda walizama, waphinda waligeja, walivala iBhayibheli, futhi wabheka phezulu ngaseZulwini, wathi, "Nkulunkulu, angazi ukuthi kusho ukuthini, kodwa Wena kwembule kimi."

159 Mfowethu, unento ethize, anyakazisa ngayo izwe lonke. Yebo, mnumzane. Angahle ukuthi akazange, aphumisele iZwi, kodwa uNkulunkulu wamnika amandla iZwi elaliwasho. Ngingancamela ukuba nalokho noma kanjani, noma nini. Ya. UNkulunkulu wamnika okuthile okwazamazamisa iNgilandi. Kunjalo. Sidinga okunye kwalokho, kulobubusuku, abenakho ngalesosikhathi. Akakwazi ukuphumisela kahle amazwi akhe, kodwa ngokuqinisile yena—wayenayo—i—i...UNkulunkulu ufika enkundleni Lowo owayelishilo iZwi, Owayebhale iZwi. Yebo, mnumzane.

160 Manje, njengoBuddy Robinson omdala, nabaningi benu bayamkhumbula, ngani, waye—wayeshisekele kakhulu ngabantu. Ngani na? Wayenelisekile. Bengifunda ngoMalume Buddy, sasimbiza ngoMalume Buddy, insika endala yebandla leNazarene, bengifunda incwadi yakhe lapha esikhathini esingeside esedlule, wayenomnyuzi omdala, wayewubiza ngo-Ellie. Futhi waye, wazejwayeza, wayefuna ukuzejwayeza ukungcweliswa, futhi wayekholelwa ukuthi kufanele sidede esonweni. Futhi wathi wayelima ummbila wakhe, futhi akakwazanga ukwenza u-Ellie ahambe umugqa oqondile, futhi wamthukuthelela u-Ellie, ngoba wayengafuni ukuhamba umugqa oqondile, futhi wathola ukuthi uBuddy wayengahambi umugqa oqondile naye.

161 Ngakho-ke, wathola ukuthi unyathele phansi ummbila wakhe, futhi wathukuthela kakhulu ngomnyuzi omdala wawudlukuzisa, izikhathi ezimbalwa, nolaka lwakhe lwaphakama, wagijima waphumela lapho wawuluma emadlebeni ngamandla akhe onke. Umnyuzi wagijima wasuka esiqeshini futhi wema, waya ngale, wase ehlala phezu kwenqwaba yamatshe.

162 Wathi wahlala lapho futhi wacabanga, "Angibonakali yini? Phandle lapha ngishumayela ukungcweliswa nezinwele zomnyuzi emazinyweni ami ngenxa yokuluma idlebe lomnyuzi." Uyazi, uMalume Buddy wayenamancoko. Wathi, "Ellie?" Wathi wapheqa amehlo akhe amakhulu, ansundu ngapha nangapha, wathi, "Ngiyaxolisa ngenze lokho. Ngixolele."

163 Wathi, "U-Ellie omdala wangibuka njengokuthi uthi, 'Qhabo, ngeke ngikuxolele, ngoba awunayo inkolo engaphezu kwaleyo onayo manje, ungenza ngaleyondlela futhi.'" Ngakhoke, lokho nje kungendlela okungayo. Asikho isidingo sokujoyinana naye, usungavele uqhele nje . . . ? . . .

164 Wayengakwazi ukukhuluma kahle kakhulu, inkulumo yakhe yayimbi, kodwa, mfowethu, wayenelisekile ukuthi uJesu Kristu wayeyiNdodana kaNkulunkulu, yena, enelisekilile ukuthi Wahlupheka ngaphandle kwamasango ukuze Angcwelise abantu ngeGazi laKhe uQobo, futhi wayeshisekele ngabantu ngosuku lwakhe, ngoba wayenelisekile. Yebo, mnumzane.

165 Okokuqala, kufanele uneliseke ngaphambi kokuthi ushisekele. Awukukholwa lokho na? Yebo, mnumzane.

166 Ngesinye isikhathi, sinemvuselelo ezweni, kwakukhona umfo omdala wasemaphandleni engena, egqoke i-ovaloli, wenza ukubizela e-altare ngobunye ubusuku, wakhuphukela e-altare, wehla, wathi, "Usho ukuthi loMoya oNgcwele ungowami na?"

"Yebo, Mnumzane."

Wathi, "Ngiyoke ngiWuthole kanjani na?"

Ngathi, "Indlela nje iBhayibheli elisho ngayo ukuthi Wuthole."

167 Futhi ngakho wathi, "Kulungile, ngiyeza," wathi, "NgiyaWufuna." Wehla lapho wakhuleka isikhashana, waphinda wabheka phezulu, wathi, "Angifiki ndawo."

Ngathi, "Uyimbangela yakho, hhayi isithembiso sikaNkulunkulu."

Futhi wehlela lapho futhi wakhuleka, cishe ngelesibili nqo ekuseni nangu eza, wayenaWo, waguqulwa.

168 Manje, wayengenayo imfundo, wayengenalutho ngaphandle kwethrakhi iFord endala nesehlakalo. Kodwa ngizonitshela ukuthi wenzani, wayenelisekile ukuthi KwakunguNkulunkulu, wayeshisekele ngomphakathi wakubo. Futhi lowo mfana omdala onaleso sehlakalo kanye nethrakhi iFord wasindisa abanye abantu abangamashumi amabili ngesikhathi semvuselelo. Konke ayenakho kwakuyisehlakalo kanye nethrakhi iFord, futhi wayenelisekile ukuthi kwakulungile. Sinokungaphezu kwalokho kulobubusuku, angazi noma singashisekela ngakho yini, njengoba nje lowomlimi wayenjalo, enelisekile.

169 USamsoni, o, impela, uSamsoni ngolunye usuku, wayenelisekile ukuthi uNkulunkulu wayenguNkulunkulu, wayenelisekile ukuthi uNkulunkulu wayenaye lapho ekwazi ukubamba amagoda akhe ayisikhombisa emuva lapho, futhi wazi ukuthi kwakuyisithembiso uNkulunkulu amnika sona, wayeshisekele ngabantu bakubo, wayengenayo into yokulwa ngayo ngaphandle komhlathi womnyuzi, kodwa wabulala inkulungwane yamaFilisti. Ngani na? Wayenelisekile, wabeke eseshisekela.

170 UDavide, ephethe indwayimane, kodwa kwakuyini indaba na? Wayenelisekile ukuthi uNkulunkulu wayenguNkulunkulu, wayeshisekele ngezimvu zikayise, futhi wayengenakho okuningi kakhulu ayengalwa ngakho, kodwa wayenelisekile futhi eshisekele, ngakho wazilandela izimvu zikayise, wase ezibuyisa. Yebo, mnumzane.

171 Manje, besingahlala lapha ihora noma ngaphezulu, kodwa ngeke sikwenze. Ngifuna ukusho into eyodwa: Kanjani ngoMfowethu Boze lapha na? Akagunyaziwe, kunjalo, akagunyaziwe, akaxhaswanga muntu, kodwa unelisekile ukuthi labobantu bayalidinga iVangeli, futhi ushisekele ngakho, ngakho-ke uzama ukuyisa iVangeli kubo. Ngicabanga ukuthi uma eshisekele, nathi bekufanele sishisekele, futhi. Awucabangi kanjalo na?

172 Uma enelisekile ukuthi bayalidinga, futhi sonke sinelisekile, udokotela ongumfowethu oza lapha unelisekile, lezi ezinye izithunywa zenkolo zinelisekile, khona-ke uma sinelisekile, besifanele sishisekele. Awucabangi kanjalo na? Bekufanele sishisekele.

Wena uthi, "Awu, kungxenye yini lokho kimi na?"

173 Kungikhumbuza umfanekiso ohlekisa ngokuthile omncane engiwubone esikhathini esingeside esedlule ephepheni. Sengivala ngingasho lokhu: Lowo mfanekiso ohlekisayo ngokuthile ongaphakathi kwiphephandaba, ikhaya lethu lingapheseya komfula nje, i-Courier Journal, futhi kwakukhona i—isithombe sikababa nomama, babephumile bephuza ubusuku bonke, kwathi ngeSonto ekuseni, kwakungaba yihora lesishiyagalolunye ngqo, futhi babenezithombe zikaKristu endlini yonke, namaBhayibheli eshalofini, futhi—futhi nxazonke lapho ababekade belele khona lapho belele ubusuku bonke, osikilidi belele kwiphansi, nakho konke okunye, namabhodlela emile, umfana omncane wayesevukile, wageza ubuso bakhe, wadla isidlo sakhe sasekuseni, futhi walungela, engqongqoza emnyango, uthi, "Yimuphi kini nonke, ozongiyisa kuSonto sikole na?" Kunjalo, akekho oshisekele.

174 Ngicabanga ukuthi kufanele sishisekele. Ngicabanga ukuthi besifanele seseke uMfowethu Boze, nanoma yisiphi esinye

isithunywa senkolo ngakho konke esinakho. Into yokuqala okufanele siyenze ukuneliseka ukuthi uJesu uyeza, lolu wuhlelo lwaKhe, besifanele sishisekele ngomfowethu, noma ngabe umnyama, uphuzi, unsundu, noma umhlophe, bekufanele sishisekele ngalabobantu laphaya. Futhi uma singenakuhamba, besifanele simbe phansi, futhi senze konke esingakwenza ukusekela labo uNkulunkulu ababizele ukuba bahambe.

175 Asikhothamise ikhanda lethu.

> Lapho ilahle lomlilo selithinte umprofethi,
> Ukumenza abe msulwa njengoba kungaba njalo,
> Ngenkathi iZwi likaNkulunkulu lithi, "Ubani ozosiyela?"
> Khona waphendula, "Nkosi, lapha, thuma mina."
>
> Khuluma, Nkosi yami, o, khuluma, Nkosi yami,
> Khuluma, futhi ngiyoshesha ukuKuphendula;
> Khuluma, Nkosi yami, khuluma, eyami . . .
> Khuluma, mina ngizophendula, "Nkosi, thuma mina." (Bheka phezu komuzi, ubheke phezu kwezizwe.)
>
> Izigidi manje ezisesonweni nasehlazweni ziyafa,
> Lalela ekukhaleni kwazo okulusizi nokumuncu;
> Shesha, mfowethu, shesha ubophule;
> Phendula ngokushesha, "Nkosi, lapha . . ." (Uma ungakwazi ukuhamba, thumela omunye umuntu.)
>
> Khuluma, Nkosi yami, khuluma, Nkosi yami,
> Khuluma, futhi ngiyoshesha ukuKuphendula;
> Khuluma, Nkosi yami, o, khuluma, Nkosi yami,
> Khuluma, futhi ngizophendula, "Nkosi, thuma mina."

[UMfowethu Branham uqala ukuhamisha elithi *Khuluma, Nkosi Yami*—Umhl.]

> "Ubani ozohamba ayosebenzela . . ."

176 Khumbulani nje manje, ngenkathi umculo usadlala, futhi uyahamisha, ingabe unelisekile na? Ingabe unelisekile ukuthi uNkulunkulu ulapha na? Ungakwazi yini, unelisekile ukuthi Lona nguMoya oNgcwele na? Ingabe ushisekele na? Bheka izigidi, isono nehlazo bayafa.

O, khuluma, Nkosi yami, (Ufuna ngenzeni, Nkosi na?), khuluma, Nkosi yami,
Khuluma, futhi ngiyoshesha ukuKuphendula;
Khuluma, Nkosi yami, khuluma, Nkosi yami,
Khuluma, futhi ngizophendula, "Nkosi, thuma mina."

177 Baba waseZulwini, sicabanga ngo-Isaya, imbongi eyabhala ngaye leliculo elihle. Wayencike ehlombe lenkosi enhle isikhathi eside, kodwa uNkulunkulu wakhipha isisekelo ngaphansi kwakhe, wayeseya e-altare. Nkulunkulu, kwesinye isikhathi kufanele uthathe ukwesekwa ngaphansi kwethu, umhlaba mawusinqabele, kwesinye isikhathi abangani bethu, bese sishona phansi.

178 Wase ebona amaKherubi endiza endlini, wabona ukuthi wayehlala phakathi kwabantu abangcolile, nezindebe ezingcolile, akakubonanga waze wakhuluma uNkulunkulu. O Nkulunkulu, kukhulume!

. . . Nkosi yami, khuluma, Nkosi yami,
Khuluma, futhi ngizophendula, "Nkosi, thuma mina."

179 Baba, sizinikela kuWe, kulobubusuku, enkonzweni. Si—sibiza ngobuqotho, ngazo zonke izinhliziyo zethu, ukuba iPhimbo likaNkulunkulu likhulume nathi. Sivivinye manje, Nkosi, sihlanze, masidlule esihlanzweni, khona manje, lapho esingahlanza khona imiphefumulo yethu ekungakholweni, sehlukanise nezivumokholo nezimfashini zalelizwe.

180 Siyaqonda ukuthi akusekude ukuthi sihambe, sekusemnyango. Sibona u-Israyeli eyi—isizwe, siyabona, njengoba kwakunjalo ngezinsuku zika-Israyeli, ukuhambisana ncamashi kakhulu nalesisizwe, ukuthi bangena kanjani, base bethatha izwe kwabanye abantu, baxosha abahlala khona, njengoba senza. Siyabona babenamadoda amakhulu ekuqaleni, babenoJoshuwa, base beba noDavide, base beba noSolomoni, kodwa ekugcineni bathola u-Ahabi noJezebeli ukuba ambuse.

181 Baba, sasino—uWashington noLincoln, kodwa ngiyamangala ukuthi siyaphi. O Nkulunkulu, siyamdinga u-Eliya namuhla!

Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzokhuluma nathi masinyane. Busisa izinhliziyo zethu ndawonye, usihumushele intando yaKho, Nkosi, ukuze sazi okufanele sikwenze.

182 Busisa lababefundisi lapha, Nkosi, abaningi babo abavela ezinkambweni ezehlukene, izinhlangano ezahlukene, amahlelo. Nkulunkulu, lapho bebuyela lapho, bona, kwangathi bangaba u—ukukhanya okungenakucimeka, futhi ngeke kufihlwe ngaphansi kwesivumokholo esithile, kodwa sengathi bangakhanyisa ukuKhanya kukaNkulunkulu okukhanyiswe ezinhliziyweni zabo ngoMoya oNgcwele.

183 Busisa wonke umuntu, silindele Wena. Busisa owethu oyigugu nothandekayo, umfowethu omncane. Ngingacabanga cishe eminyakeni emithathu edlule, ngihlezi phandle lapha kulelinhlonhlo, izingalo zakhe ezincane zingihaqile ekhala, futhi Wakhuluma nathi lapho, Nkosi. Futhi manje akasenakwaneliseka lapha, usefanele ahambe. Nkulunkulu, yiba naye, yiba noMfowethu Joseph, mvikele futhi umbusise, muphe imiphefumulo, Nkosi.

184 Nkulunkulu, busisa lezozinsizwa. Lapho ngizibona zigibela lawo mabhayisikili, ezinye zazo, Nkosi, phandle phakathi lapho zingenazo ngisho izicathulo ezinyaweni zazo, khona-ke sicabanga ukuthi siyanikela. Izinhliziyo zazo zivuthela abantu bazo, ngoba zenelisekile futhi zishisekele.

185 Nkulunkulu, sisize ukuba sonke sishisekele ndawonye, ukubona uMbuso kaNkulunkulu ufika. Futhi sengathi singaqhubeka nokukholwa lokho uJesu asitshela khona, ukuthi Wakhulekela ukuthi sonke sibe munye kuYe. Busisa imizamo yethu yokuzama ukufeza lomkhuleko. Siyacela, eGameni likaJesu. Amen.

186 Uxolo ngokuba nginibambe isikhathi eside. UNkulunkulu anibusise.

Kulungile, Mfowethu Boze.

